



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2011

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi ama-6.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA**UMBUZO 1**

- 1.1 1.1.1 Indlela efanayo abafundi abaggoka ngayo uma beya ezikoleni/indlela efanayo abantu abaggoka ngayo. (1)
- 1.1.2 Kwenziwa ucwaningo. (1)
- 1.1.3 Inhloso yomfaniswano kwakungukuthi abafundi babukeke ngendlela efanayo ukuze nalabo abaphuma emakhaya ahluphekayo bangaveli obala/bangabonakali. (1)
- 1.1.4 Ngokubathengela umfaniswano/ngokubanika imali/UHulumeni angakuqedu ukugqokwa komfaniswano. (nokunye) (1)
- 1.1.5 Akubonakali kahle. (1)
- 1.1.6 Kulezi zinsuku umfaniswano usetshenziselwa ukuhlukanisa izikole ngokwamazinga azo /Kubukeka sengathi umfaniswano unika abazali nabafundi umthwalo ongenasidindo. (2)
- 1.1.7 (a) Iztolo ezidayisa lo mfaniswano zijwayele ukuba sendaweni engaphephile. (2)
 (b) Abazali kumele balinde kulayini omude uma beyowuthenga. (2)
- 1.1.8 Ngiyavumelana.
 Umfaniswano usuyabiza.
- NOMA
- Angivumelani.
 Umfaniswano wenza kube lula kubazali ukuthi bangazitholi sebephoqwa yizingane zabo ukuthi bathenge izimpahlha zokugqoka ezinamagama abizayo okungagcina sekubabiza imali eningi ngaphezu kwale abebengayikhokhela umfaniswano. (2)
- 1.1.9 Kwezinye izikole abafundi abavunyelwa ukungena uma bengaqqokile ngendlela elindelekile. / Esikhundleni sokubhekana nengcindezi yezifundo abafundi bazithola sekumele bazikhathaze ngokuthi benze isiqiniseko sokuthi babukeka kahle. (2)
- 1.1.10 Umoya wokuzwana/umoya wokubambisana/ wokusebenzisana/ umoya wokumbana/ wokuhlangana. (1)
- 1.1.11 Umbono. Abukho ubufakazi bokuthi izingane ezigqoke umfaniswano ziyahlonipha.
- NOMA
- Iqiniso. Uma umfundi egqoke umfaniswano uzohlonipha ngoba ubonakala kalula ukuthi uphuma kusiphi isikole. (2)

- 1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Abanye bangathi umfaniswano uhlukumeza amalungelo abo.
 - Awubasizi ngalutho ekuphaseni
 - Wenza abafundi bahlonipheke.
 - Umfaniswano wenza kubonakale kalula ukuthi umfundi ungowasiphi isikole.
 - Ugquqquzelwa ukuthi umfundi aziqhenye ngesikole afunda kuso. (okukodwa kwalokhu) (2)
- 1.2 1.2.1 Bayaphuza/bayazixoxela/bazihlalele. (1)
- 1.2.2 Ungowesifazane ngoba ugqoke ingubo/uthi uhlushwa nayindoda. (okukodwa kwalokhu). (2)
- 1.2.3 Ungowesifazane/ ngowesimame-Ungunkosikazi kaMadlokovu akuvumelekile ukuthi ahlale namadoda/ uyabandlulwa/Unkosikazi akabizwa ngegama. (okukodwa kwalokhu). (2)
- 1.2.4 Ngokwesintu unkosikazi akahlali namadoda aphinde aphiwe nawo okhambeni olulodwa. (2)
- 1.2.5 Bayaphuzisana/sekuneminyaka eyishumi bazana/ ulimi abalusebenzisayo luhombisa ukwazana/ bahleli ngokusondelana. (1)
- 1.2.6 Kukhona abantu besilisa nowesifazane bahlezi ndawonye baphuzisana utshwala/owesifazane ubatshela ngezinkinga zakhe/ inkulomo yabo ikhombisa ukukhululeka nokungasabani. (2)

AMAMAKI ESIQEPU A: **30**

ISIQEPU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Isibonelo samaphuzu umfundi angawaveza:

- Impumelelo ingumphumela wokusebenza kanzima.
- Ukubaluleka kokuzimisela, ukuba nephupho, nokwazi ikhono onalo.
- Akekho ongayithandi impumelelo kodwa akusibona bonke abaphumelelayo.
- Ukubaluleka kokwazi ukuthi kukhona izinto umuntu ezizomlahlekela ukuze athole impumelelo.
- Akufanele umuntu asole abanye, isimo senhlalo noHulumeni ngokwehluleka kwakhe.
- Uqiniswa izinselelo ohlangabezana nazo empilweni, ngokuzimisela uyaphumelela.
- Kufanele sazi ukuthi akubona bonke abantu abaphumelelayo, yilabo abanomqondo ophusile nabasebenza kanzima abazuza impumelelo.

QAPHELA: Uma umfundi ecaphune amaphuzu njengoba enjalo endaben iyonikezwa amamaki.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
 - amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa)
 - amamaki ama-3 awolimi
 - amamaki esewonke:10
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
 - 1–3 amaphuzu anembayo: nika imaki eli-1
 - 4–5 amaphuzu anembayo: nika amamaki ama-2
 - 6–7 amaphuzu anembayo: nika amamaki ama-3

QAPHELA:

- **Isakhiwo:**
Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele sihlolwe.
- **Ukubalwa kwamagama:**
 - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Alikho imaki okumele lephucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
 - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (60), kumele kufundwe amagama **ama-5 kuphela** angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

AMAMAKI ISIQEPU B: 10

ISIQEPU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

- 3.1 Ukuze ligqame/libonakale kalula/ukuheha. (1)
- 3.2 Ukugcizelela/ kungenzeka ukuba kukhona enye iCanova engesiyo yoqobo/ yangempela. (2)
- 3.3 Yilo lodwa ibhodlela lethemba/ yilona kuphela ibhodlela lethemba. (2)
- 3.4 ICanova isetshenziswa abantu abangaphezu kuka- 75000 baseNingizimu Afrika nsuku zonke/ Ngezithako ezingu-17 iCanova ilawula amasosha omzimba wakho ukuze akwazi ukuzilwela/ The one and only bottle of hope. (2)
- 3.5 Abantu baseNingizimu Afrika bayayethemba iCanova/iCanova isetshenziswa abantu baseNingizimu Afrika (neminye imisho abafundi abayoyibhala uma nje iCanova ingumenziwa emshweni). (2)

- 3.6 Uma engenawo amandla. (1)
[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Ubusuku. (1)
- 4.2 Ngubani **ozoqasha** umuntu oseqedwe utshwala ngale ndlela? (1)
- 4.3 Imisho iyokwehluka: makuvele umqondo wokwenziwa.
Utshwala buthelwa uMasaka. (2)
- 4.4 Isisukazi sakhe sigcwele utshwala. (Imisho iyokwehluka) (2)
- 4.5 Ukuhlala ekhaya ungenzi lutho/ ukungasebenzi/ ukuba ngumahlalela/ukuba uqhwayi lahle. (2)
- 4.6 Imisho iyokwehluka makuvele ukuphupha okwenzeka uma ulele/ukuphupha okukhomba ukwehla kwezinga lempilo..
Ngiphuphe ngigibele ibhanoyi. (2)

[10]

UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Amatohwana. (1)
 5.1.2 Izakhamizi/ abantu bakule ndawo. (1)
- 5.2 5.2.1 Umbuzo. (1)
 5.2.2 Isitatimende. (1)
- 5.3 Ngoba/ukuthi (imisho iyokwehluka) (2)
- 5.4 Ukudla akukho (1)
- 5.5 IsiNgisi/IsiLungu. (1)
- 5.6 **Abadala, ukuhlonishwa.** (2)
- 5.7 UHulumeni ukhuthaza abantu baKwaMbonambi ukuthi babhalisele ukuvota/UHulumeni ukhuthaza ukuthi babhalisele ukuvota abantu bakwaMbonambi. (2)
- 5.8 Imisho iyokwehluka:
Abantu abasebenza ezimbonini bahola kangcono. (1)
- 5.9 Mnu. (1)

[14]

UMBUZO 6

- 6.1 Ngiyazi ngizophumelela. (2)
- 6.2 Angizukulala imini nobusuku. (1)
- 6.3 Olukhombisa inkolelo engaguuki/ olucwasayo. (1)
- 6.4 Imizwa yokudinwa / yokucasuka/ dineka/ ukunengwa. (2)
[6]

AMAMAKI ESIQEPU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2011

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-11.

IMIYALELO KWABAHOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivyo sokuqondisia	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)

2. Abahlolwayo mabafundisise yonke imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
3. Mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Mabaqalise isiqephu NGASINYE ehasini ELISHA bese bedweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Mabashiye umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Abahlolwayo mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Fundisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

NGABE SISEKHONA ISIDINGO SOMFANISWANO EZIKOLENI?

Umfaniswano (uniform) indlela efanayo abafundi abaggoka ngayo uma beya ezikoleni. Abantu banemibuzo eminingi mayelana nokubaluleka komfaniswano ezikoleni kulesi sikhathi samanje. Inhoso (aim) yomfaniswano kwakungukuthi abafundi babukeke ngendlela efanayo ukuze nalabo abaphuma emakhaya ahluphekayo bangabonakali. Ngokuhamba kwesikhathi umfaniswano wagcina usubiza kakhulu. Izikole ezibizayo/ezidulayo ziba nomfaniswano obizayo. Lokhu kuba ngumthwalo omkhulu kubazali ngoba bazithola sebebhekene nenkinga yokuthenga umfaniswano obizayo ongayisizi ngalutho ingane ekutheni iphase kahle.

UMnyango wezeMfundu nawo uyakweseka/uyahambisana nokugqokwa komfaniswano ezikoleni. Ucwanningo (research) lukhomba ukuthi ukugqokwa komfaniswano ezikoleni kwenza ukuthi kube khona inhlonipho kubuye kusize nasekuletheni umoya wobunye ezinganeni zesikole. Ngabe uMnyango wezeMfundu uke wabheka yini ukuthi inhlonipho nomoya wobunye olethwa umfaniswano ubabiza imali engakanani abazali? Ngabe umfaniswano yiwona owenza izingane zihloniphe noma yindlela ezikhuliswe ngayo?

Okungacaci ngalolu cwaningo ukuthi lwenziwa ezikoleni zikaHulumeni noma ezikoleni ezizimele. Kunobufakazi bokuthi ezinye zezikole ezizimele azipwugqoki umfaniswano kodwa azinayo inkinga yezingane ezingahloniphi. Lezi zikole ziba nemiphumela emihle, nabafundi abanobunye nokuzethemba. Laba bafundi bayaphumelela empilweni noma bebengawugqoki umfaniswano. Nakuba abazali balezi zingane bengawuthengi umfaniswano kodwa nabo bakhokha imali eningi kakhulu ukuze izingane zabo zifunde kulezi zikole. Okusobala ukuthi kuya ngokuthi umzali ubona kuyisiphi isikole esifanele ingane yakhe, esiwugqokayo umfaniswano noma esingawugqoki.

Kulezi zinsuku inhoso yokugqokwa komfaniswano isishintshile, manje ususetshenziselwa ukuhlukanisa izikole ngokwamazinga azo. Lezo ezibizayo azigqoki umfaniswano ofanayo nalezo ezingabizi kakhulu. Ngisho nezindawo odayswa/othengiswa kuzo azifani. Ngisho nendlela ogqokwa ngayo ayifani. Ngabe umfaniswano manje ususetshenziselwa ukubandlulula abafundi? Uma isikole sakho singekho ezingeni eliphakeme uthola ukuthi ushibhile nesitolo esiwudayisayo sisendaweni engaphephile kahle. Uma uyowuthenga ubamba ulayini omude ulinde ukusizwa. Uma isikole sithathwa njengesisezingeni eliphakeme umfaniswano waso uyabiza. Uthola ukuthi nesitolo esiwudayisayo siba sendaweni ephephile. Umthengi akabambi ulayini omude, uhlangatshezwa emnyango athole usizo ngokushesha.

Uma isikole sisezingeni eliphezulu, umzali angazithola ekhokha imali ecishe ifike ezinkulungwaneni ezinhlanu zamarandi ethenga umfaniswano. Lapha

kusuke kuthengwa izinto ezifana nezigqoko, amashethi, amabhlukwe, amajezi, izikhwama, amabhantshi, icathulo, othayi nezimpahla zezemidlalo. Uma isikole sisezingeni eliphansi umzali angakhokha imali ephakathi kwamakhulu amahlalu kuya enkulungwaneni yamarandi. Iqiniso wukuthi noma ingabukeka incane leyo mali esuke ikhokhwe umzali, kuyena isuke inkulu ngoba ilingana nezinga lakhe lempilo.

Ukugqokwa komfaniswano ngabe kuyabasiza yini abafundi ekuphumeleleni kahle ezifundweni zabo? Kubukeka sengathi umfaniswano unika abazali nabafundi umthwalo ongenasidingo. Umzali onezingane eziningi uzithola ekhokha imali eningi ukuze izingane zakhe zikwazi ukubukeka njengezinye. Kuphinde kubeke nomthwalo emahlombe othisha okumele babheke ukuthi umfaniswano lo ugqokwe ngendlela efanele yini. Lokhu kunika othisha umsebenzi omningi.

Kwesinye isikhathi ukuqgokwa komfaniswano kuhlukumeza ilungelo labafundi lokufunda. Kwezinye izikole abafundi abavunyelwa ukungena uma bengagqokile ngendlela elindelekile. Abanye banombono wokuthi ukugqoka umfaniswano akubalungiseleli abafundi isimo abazobhekana naso uma sebefika ezikhungweni zemfundo ephakeme (tertiary institutions), lapho kungaggokwa khona umfaniswano. Kukhona ukuphikisana ngendaba yokugqokwa komfaniswano kodwa abantu abanangi bayavumelana nokugqokwa kwawo. Mhlawumbe lesi sekuyisikhathi sokuthi uHulumeni abhekisise isidingo sokugqokwa komfaniswano ezikoleni. Uma uHulumeni ebona kufanele ugqokwe umfaniswano mhlawumbe kumele abheke nesidingo sokusiza abafundi abaphuma emakhaya ahluphekayo.

- 1.1.1 Yini umfaniswano? (1)
- 1.1.2 Sazi kanjani ukuthi umfaniswano wenza abafundi bahloniphe? (1)
- 1.1.3 Ekuqaleni kwakuyini inhloso yomfaniswano? (1)
- 1.1.4 UHulumeni angabasiza kanjani abafundi abahluphekayo? (1)
- 1.1.5 Khetha impendulo efanele kubakaki:
(Akuvumelekile, akubonakali kahle, akusebenzi) ukuthi ukugqoka umfaniswano kwenza abafundi baphumelele kahle. (1)
- 1.1.6 Endabeni engenhla caphuna umusho okhomba ukuthi umfaniswano awusasetshenziselwa inhloso owawuqalelw yona. (2)
- 1.1.7 Uma ufunda esikoleni esiphansi ngokwezinga kuba nzima ukuyothenga umfaniswano. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI asendabeni. (4)
- 1.1.8 Ngokwale ndaba umfaniswano ubeka umthwalo ongenasidingo kubazali. Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono? Sekeka impendulo yakho. (2)

- 1.1.9 Kunombono othi ukugqokwa komfaniswano kuhlukumeza ilungelo labafundi. Chaza ukuthi kwenzeka kanjani lokhu. (2)
- 1.1.10 Chaza lesi simo sokukhuluma esithi 'umoya wobunye' njengoba sisetshenzisiwe endabeni. (1)
- 1.1.11 Ngabe yiqiniso noma umbono ukuthi umfaniswano wenza izingane zihloniphe ezikoleni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.12 Ngokwakho ukubona ngabe sisekhona yini isidingo sokugqoka umfaniswano ezikoleni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2 Bukisia lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.



- 1.2.1 Benzani laba bantu lapha? (1)

- 1.2.2 Buyini ubulili balo muntu ofuna ‘ukushayiswa’ lapha? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.3 Ngubani Iona organikiwe igama? Kungani engenalo igama ngokwasesithombeni? (2)
- 1.2.4 Ukuhlala kwalo muntu ongenalo igama namadoda akuhambisani nesiko. Shono ukuthi kungani kungahambisani. (2)
- 1.2.5 Yini ekhombisa ukuthi laba bantu banobudlelwano obuhle? (1)
- 1.2.6 Yini ekhombisa ukuthi alukho ubandlululo ngokobulili kulaba bantu abakule khathuni? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPU A: **30**

ISIQEPU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamazwi akho aphakathi kwamagama angama-50 kuya kwangama-60. Bhala amaphuzu ayisikhombisa.

INDLELA EYA EMPUMELELWENI INZIMA

Impumelelo izi emva kokusebenza kanzima. Ukuzimisela nenhlanhla nakho kudlala eyakho indima ekutholeni impumelelo. Isimo somqondo sibaluleke kakhulu ekutholeni impumelelo empilweni. Impumelelo iqala ngombono (idea), bese uphenduka uba yiphupho. Okubalulekile ukuthi lowo ofuna impumelelo abe nesiqiniseko ukuthi iphupho lelo analo ngelakhe, hhayi elabangani bakhe noma abazali bakhe. Kubalulekile ukuthi umuntu abhekisise ukuthi lelo phupho lingaphumelela yini. Uma amathuba okuthi liphumelele emakhulu, kuhle ukuhlela ukuthi lokhu kuzokwenzeka kanjani. Ukuhambisana kwephupho nethalente umuntu analo kwenza ukuthi kube lula ukufinyelela empumelelweni.

Wonke umuntu ufisa ukuzibona ephumelela empilweni. Ziningi izinto abantu abafisa ukuphumelela kuzo. Kungaba yisemshadweni, emsebenzini, emabhizinisini nakwezinye izinto empilweni. Akusiye wonke umuntu ophumelelayo. Ukuze umuntu aphumelele kubalulekile ukuthi azazi yena, azi ukuthi usukaphi, uyaphi futhi ufunani empilweni. Okubaluleke kakhulu ukuthi umuntu aqonde kahle okumele kumlahlekele ukuze athole impumelelo. Ngenxa yobulukhuni bendlela eya empumelelweni, baningi abakhathala endleleni.

Isikhathi esiningi abantu abangaphumeleli bahlala benzizathu zokungaphumeleli kwabo. Basola (blame) abanye, bakhale ngemvelaphi yabo, isimo emphakathini, imithetho kaHulumeni nokungafundi. Ophumelelayo uzitshela ukuthi noma zikhona lezi zinto ezibalwe ngenhla kodwa uzophumelela. Umuntu ofisa/ofuna impumelelo uyazi ukuthi izinkinga ngeke zingabi khona kodwa akazivumeli ukuthi zime endleleni yakhe yokuphumelela. Akalindi ukukhuthazwa abanye ukuze aphumelelise iphupho lakhe. Akasoli muntu ngobunzima azithola ekubona ngenxa yokufuna ukufeza iphupho lakhe.

Uyazi ukuthi nguyena okufanele asebenze kanzima ukuze amaphupho akhe aphumelele.

Umuntu ofuna impumelelo kumele adele okuthile, njengokuzijabulisa, ukuchitha isikhathi nabangani, nobuthongo imbala kanye nomndeni wakhe. Impumelelo akuyona eyabo bonke abantu, kodwa ngeyabantu abanomqondo ohlakaniphile.

AMAMAKI ESIQEPU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

- 3.1 Kungani igama **iCANOVA** libhalwe ngamagama amakhulu? (1)
 - 3.2 Yisiphi isizathu esenza igama **YANGEMPELA** lisetshenziswe kibili kulesi sikhangisi? (2)
 - 3.3 Humusha lo musho ngesiZulu: **THE ONE AND ONLY BOTTLE OF HOPE!** (2)
 - 3.4 Tomula umusho onamagama ahehayo kulesi sikhangisi. (2)
 - 3.5 Sebenzisa igama **iCanova** emushweni libe ngumenziwa. (2)
 - 3.6 Khetha impendulo efanele kubakaki:
Amasosha omzimba kuthiwa abuthakathaka uma (engenawo amandla, enamandla amanangi, uma efile wonke) (1)
- [10]

UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.



- 4.1 Bhala igama elinomqondo ophikisa elidwetshelwe elisemshweni olandelayo:
Mina sengikhathele ukubhuquza ekhaya imini yonke. (1)
 - 4.2 Guqla lo musho olandelayo ube senkathini ezofika:
Ngubani ongaqasha umuntu oseqedwe utshwala ngale ndlela? (1)
 - 4.3 Buka isithombe bese ubhala umusho ozoveza umqondo wokwenziwa. (2)
 - 4.4 Khulisa igama elidwetshelwe kulo musho olandelayo bese ubhala umusho ozakhele wona ngalo.
Isisu sikaMasaka siyamsinda yingakho ehleli phansi. (2)
 - 4.5 Chaza lesi simo sokukhulumu: **Ukubhuquza ekhaya.** (2)
 - 4.6 Sebenzisa isenzo esithi **phupha** emshweni wakho siveze umqondo ohlukile kunalona okwikhathuni. (2)
- [10]

UMBUZO 5

Fundisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMnumzane Biyela uthe abantu baKwaMbonambi angeke besahamba ibanga elide beyothenga eRichards Bay ngoba sekuzokwakhwa izitolo eziningi ndawonye. Ukwakhwa kwezitolo kule ndawo kulindeleke ukuthi kuphinde kuxoshe nekati eziko emindenini eminingi engaphansi kukaMasipala waseMfolozi.

Kunabantu basendaweni yaKwaMthethwa ababengasebenzi, asebeqale ukuzitholela amatohwana. Phakathi kwamabhizinisi azokuba lapha kukhona nendawo yokulala nedayisa izingubo ezahlukahlukene. Kubuye kwadalulwa nokuthi kukhona nenyi indawo abasanda kuyithenga ephakathi kwaKwaMbonambi naseRichards Bay okuzokwakhwa kuyo izimboni ukuze kuphinde kuqashwe ezinye izakhamizi zakule ndawo.

Kuvezwe ukuthi iningi labantu bakule ndawo alisebenzi. Yingakho isibalo sabantu abahaqwe igciwane le nculaza sisikhulu kangaka. Nabasebenzayo basuke bebambe amatoho emapulazini, ezingadini noma behlahla izimoba. Bambalwa abantu abasebenza kwaMondi nakwaSappi. Imboni enkulu lapha i-RBM.

- 5.1 Esiqeshini osifunde ngenhla khapha amagama asho okufanayo namabinzana adwetshelwe kulesi siqeshana esilandelayo.
 - 5.1.1 Kuzosiza kakhulu ukwakhwa kwezitolo eziningi ndawonye ngoba abantu abanangi sebezothola umsebenzi wesikhashana. (1)
 - 5.1.2 Abantu abazothola umsebenzi yilabo abakhe kuyo le ndawo yaKwaMbonambi (1)
- 5.2 Shono ukuthi le misho elandelayo iyisitatimende, umbuzo noma umyalelo.
 - 5.2.1 Buhle buni obuzolethwa ukwakhwa kwezitolo kwaMbonambi (1)
 - 5.2.2 Sekuzoba yinganekwane ukuhamba amabanga amade (1)
- 5.3 Sebenzisa isihlanganiso esitholakala esigabeni sokuqala esiqeshini esingenhla ukwakha umusho wakho. (2)
- 5.4 Khetha igama elifanele kubakaki:
Ikati lilala eziko kusho ukuthi (alinayo indawo, ukudla akukho, lithanda umlilo). (1)
- 5.5 Igama elithi '**imeya**' lisuselwe kuluphi ulimi? (1)
- 5.6 Gcwalisa lo musho olandelayo ngezakhi ezifanele ukuze uzwakale kahle. Abantu (5.6.1) ... dala baKwaMbonambi bayathanda (5.6.2) ... hlonishwa. (2)
- 5.7 Hlela kabusha amagama alandelayo wakhe umusho ozonikeza umqondo. (ukuvota, babhalisele, uHulumeni, abantu, ukuthi, ukhuthaza, bakwaMbonambi) (2)

- 5.8 Sebenzisa isandiso esithi **ezimbonini** ukwakha umusho ozwakalayo. (1)
- 5.9 Bhala isifinyezo segama elithi **uMnumzane**. (1)
[14]

UMBUZO 6

Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.



- 6.1 Caphuna umusho okhombisa ukuzethemba kwale ntombazane esesithombeni. (2)
- 6.2 Yimaphi amagama akhombisa ihaba kule nkulumo. (1)
- 6.3 Umusho 'Abafana kuphela abangaba oNjiniyela' uhambisana naluphi uhlolo lolimi kulezi ezikubakaki (oluhehayo, olucwasayo, olukhombisa inkolelo engaguquki). (1)
- 6.4 Yimiphi imizwa ekhonjiswa yilawa magama: 'Bangidina kabi'. (2)
[6]

AMAMAKI ESIQEPU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2011

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu linamakhasi ayi-19.

ISIQEPHU A: INOVELI

KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

UMBUZO 1

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Ukweqa kwakhe epulazini aye kofuna umsebenzi eGoli ngoba efuna impilo engcono.
- Ukuganwa.
- Ukufunda ngasese efunda isiNgisi.
- Ukushintshashintsha izindawo zokusebenza. (ePitoli, eGoli, eMgungundlovana, eDeli)
- Ukufunda ibanga leshumi ngasese.
- Ukufunda ukushayela.
- Izikhundla azithola ngenxa yokuzithuthukisa.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu.

[35]

NOMA

UMBUZO 2

- | | | | | | | | | | | | |
|-------|--|---|--------------|-----|-------|--|-----|-------|-----------------------------|-----|--|
| 2.1 | UMaNdlovu/uNtombi Ndlovu. | (1) | | | | | | | | | |
| 2.2 | Ezinhlanu. | (1) | | | | | | | | | |
| 2.3 | Wayefundisa izingane zakhe ukuze zingahlupheki njengaye. | (1) | | | | | | | | | |
| 2.4 | <table border="0"><tr><td>2.4.1</td><td>Ukuhlupheka.</td><td>(2)</td></tr><tr><td>2.4.2</td><td>Kwangasiza lutho/kwangazwela lutho ekuguleni kwakhe.</td><td>(2)</td></tr><tr><td>2.4.3</td><td>Ukungenwa/ukuqalwa ukugula.</td><td>(2)</td></tr></table> | 2.4.1 | Ukuhlupheka. | (2) | 2.4.2 | Kwangasiza lutho/kwangazwela lutho ekuguleni kwakhe. | (2) | 2.4.3 | Ukungenwa/ukuqalwa ukugula. | (2) | |
| 2.4.1 | Ukuhlupheka. | (2) | | | | | | | | | |
| 2.4.2 | Kwangasiza lutho/kwangazwela lutho ekuguleni kwakhe. | (2) | | | | | | | | | |
| 2.4.3 | Ukungenwa/ukuqalwa ukugula. | (2) | | | | | | | | | |
| 2.5 | <ul style="list-style-type: none">• Wafundela ukushayela izimoto ezincane waze wathola nezincwadi zokushayela.• Wafunda isiNgisi/wafunda waze wathola isitifiketi sikaMatikuletsheni. | <table border="0"><tr><td>(1)</td><td>(1)</td></tr></table> | (1) | (1) | | | | | | | |
| (1) | (1) | | | | | | | | | | |
| 2.6 | Wathi abazukulu bakhe bayoyithola uma yena nonkosikazi wakhe bengasekho emhlaben. Bayithole ngemuva kweminyaka engama-30 sebashona. | (2) | | | | | | | | | |
| 2.7 | OKUTHATHU kwalokhu: <ul style="list-style-type: none">• UMaNene wamvimbela ukuthandaza emzini wakhe.• Umalokazana akamenzelanga ukudla ekuseni kwaze kwaba ntambama.• Wambiza ngenuku.• Wathi angahluphi uThembelihle ngokuhamba kwakhe ebusuku.• Uma ecela okuthile kumfana wakhe umalokazane uyena owayelandula. | (3) | | | | | | | | | |

2.8 Kwakungafanele ngoba abazali babenomuzi wabo ababefuna ukuthi baze bafele kuwona endaweni abayikhetha ngoba beyithanda.

NOMA

Kwakufanele. Amakhosikazi ayengavela nesu lokuthi baphatheke kahle abazali babakhwenyana babo, kanti futhi nabo omakoti sebengamalunga omndeni.

(2)

2.9 Kwakungafanele. Izimpendulo zingathinta OKUBILI kwalokhu:

- Bakhulisa lezi zingane bendawonye bengahlukene yize uManyoba ayesebenza eGoli.
- Banomuzi abazimisele ukufela kuwo ndawonye.
- Sebegugile manje badinga ukuhlala ndawonye nemizimba yabo ingakhahlazeki.

(3)

NOMA

Kwakufanele.

- Kwakuzokwenza ukuthi abantwana babo bangabi nomthwalo wokubalethela ukudla njalo.
- Kwakuzonciphisela abantwana babo izindleko zokondla imizi emibili.

2.10 Wahlangana nomfundisi wamupha imali wadlala ilotto, wawina izizumbulu zemali.

(2)

2.11 Iqiniso, ngoba kwathi sekufanele zibasize sebegugile benomkakhe zangakwazi ukubondla kunalokho zabahlukanisa

(3)

2.12 Izimpendulo ziyokwehluka, evumayo nephikayo.

- Beningabapha: ukubakhombisa ukuthi ngibaxolele.
- Beningeke ngibaphe: Ukuze bafunde isifundo ukuthi ungabomphatha kabi umuntu ngoba engenalutho.

(2)

2.13 OKUBILI kwalokhu:

- Ukuthi ubasize abazali bakho uma sebedinga usizo lwakho ngoba bakukhulisa.
- Ube nobuntu.
- Uma ningamadoda ningawushiyi ngaphandle umbono wabantu besifazane.

(2)

2.14 2.14.1 D-Indodakazi kaManyoba.

(1)

2.14.2 E-Ingane kaFanyana.

(1)

2.14.3 A- Wayedume ngokudlala ibhola esakhula.

(1)

2.14.4 C-UMfundisi eMnambithi.

(1)

2.14.5 B-Unkosikazi kaFanyana.

(1)

[35]

NOMA

UMBUZO 3: UMSHADO-N Zulu

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo

- Angaqala ngokuchaza lesi simo sokukhuluma. (Uma umuntu esothandweni wenza izinto abathiabantu abaseceleni uma bezibuka babone sengathi ikhanda lakhe alithathi kahle.)
- UBhekani wayemthanda kakhulu uTholakele kangangokuba wayengabuboni nobubi bakhe.
- UBhekani wayengaboni ukuthi uTholakele akamfanele, babekhuliswe ezindaweni ezingefani bekhula ngendlela engafani.
- Wayengaboni ukuthi uTholakele akaziphetha kahle.
- Wayengaboni ukuthi uTholakele uyamxaphaza/udlala ngaye.
- Wayengaboni ukuthi ukuthandana kwakhe noTholakele kumxabanisa nabazali bakhe nomphakathi ngoba akekho owayehambisana nokuthandana kwakhe noTholakele kubazali bakhe nasemphakathini.
- Wayengaboni nokuthi ukuthandana kwakhe noTholakele kwakubeka impilo yakhe engozini ngoba noBhatomu wayemfuna uTholakele.
- Wayengaboni ukuthi uLindiwe nguyena muntu owayemfanele.
- Wayengaboni nokuthi uTholakele wayemhlula okusho ukuthi wayengeke akwazi ukumlawula ngisho sebeshadile ngoba konke ayefisa ukukwazi ngaye wayengazitholi izimpendulo zakho.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.

[35]

NOMA

UMBUZO 4: UMSHADO-N Zulu

- | | | |
|-----|--|-----|
| 4.1 | Wayefundisa/wayenguthisha. | (1) |
| 4.2 | Uphupha uyise ethi akaganwe. | (2) |
| 4.3 | 4.3.1 Ukucabanga ngenkinga obhekene nayo/ukudliwa yimicabango. | (2) |
| | 4.3.2 Ukubukeleka phansi. | (2) |
| | 4.3.3 Abantu abakwazi ukukutshela ngezinto ezizokwenzeka noma esezenzeka/izangoma/abaphrofethi. | (2) |
| 4.4 | 4.4.1 Kwakuzomehlisa isithunzi.. | (1) |
| | 4.4.2 Esaba ukuthi isangoma singakhuluma ngaye kwabanye abantu. | (1) |

- 4.5 Intombi kaBhekani/ Umama wengane kaBhekani. (2)
- 4.6 Kwathiwa uthathwe yimoto ebomvu akwaziwa ukuthi ukuphi. (2)
- 4.7 **OKUBILI KWALOKHU:**
- Ngenkathi utholi esesibhedlela usfiso wabuza ubheki ukuthi uzwile yini ukuthi utholi uhlushwa amaphoyisa.
 - Wabuza ukuthi utholakele wamtshela yini ukuthi yini enganabantwana/ usebenzaphi.
 - Wambuza nokuthi uzomlobola kuphi.
- (2)
- OKUBILI KWALOKHU:**
- 4.8
- Ungumfelokazi.
 - Wayengenalo iqiniso/Wayengaziphetha kahle.
 - Wayemdala kunaye futhi engekho ezingeni lakhe.
- (2)
- 4.9 Iqiniso, wathi uyajabula uma embona/ Wamanga/ Wamgaxa wamthulisa ekhala. (2)
- 4.10
- Ngiyavumelana. Akalalelanga unina nomalume wakhe uma bemtshela ukuthi angashadi nomfelokazi.
 - Bathi angashadi noTholakele ngoba akafundile, washada naye ngenkani.
- (3)
- 4.11 Ngiyavuma. OKUTHATHU kwalokhu:
- Umfundisi esathi ushadisa uBheki noTholi kwangena abeLungu endlini yesonto.
 - Bangena behamba noPamella efakwe ozankosi.
 - Wafika wabakhombisa umakoti onguTholi.
 - Elinye iphoyisa lakhipha ozankosi labopha umakoti.
 - Alibange lisaboshwa ifindo lomshado.
 - UBheki wasala enkemile engazi ukuthi kwenzekani.
 - Wasizwa uLindiwe owamthatha wamfaka emotweni
- (4)
- 4.12
- Umuntu kufanele athathe izeluleko kwabaziyo.
 - Ubobuza imibuzo ngezinto ongazazi.
 - Yazi umuntu kuqala ngaphambi kokumshada ungathathwa nje uthando.
 - Hlonipha abaphansi ngoba banamandla.
- (3)

AMAMAKI ESIQEPEHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO – N Zulu*

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- UThenjiwe oshonelwe umyeni wakhe uzithola esenkingeni yokuthi kufanele angenwe uDumisani ongumfowabo wendoda yakhe.
- UThenjiwe akazwani naleli siko kodwa ucindezelwa uninazala uMaMbatha.
- Kwayena Dumisani lowo akazwani nalokhu ngisho noMnumzane Zungu oyinhloko yomuzi.
- UThenjiwe wabonisana nomngani wakhe uGugu ngenkinga ayebhekene naye nakhona kwangaba nakhambi.
- UThenjiwe waphinda wayibika nasekhaya kubo. Abazali bakhe nabo bathi makalandele isiko. Udadewabo uNondumiso kuphela owayemzwela emtshela nokuthi yilungelo lakhe ukuthi enze lokho akufunayo.
- UMaMbatha wacindezela uDumisani naye waze wavuma ukungena uThenjiwe.
- UThenjiwe wagcina esexoxa nomngani wakhe uSipho ngale nkinga yakhe.
- Bathe besaxoxa noSipho kwaqhamuka uDumisani.
- Bahilizisana noSipho ngoba uDumisani egxavula uThenjiwe.
- UDumisani wagcina egwazwe uSipho ngoba ezama ukuvikela uThenjiwe.
- Waboshwa uSipho ngesenzo sakhe wagula, waze wafela ejele.
- UThenjiwe wafikelwa umqondo wokubulala uDumisani.
- Wamfakela ushev u etiyeni kodwa wasindiswa udadewabo uThabi, owabona uThenji ethela umuthi etiyeni.
- Kwahlangana iminden yomibili owakwaZungu nowakwaMondise.
- Kwavunyelwana ngokuthi uThenjiwe uzoxolelwa inqobo nje uma engagana uDumisani.
- UThenjiwe, wagcina eshadile noDumisani.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu.

[35]

NOMA

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO – N Zulu*

- 6.1 Kwakungumyeni kaThenjiwe owashona/ Kwakuyindodana yakwaZungu. (1)
- 6.2 Uzobika inkinga abhekene nayo emzini. (1)
- 6.3 Kwakuthiwa wagwaza uDumisani. (2)
- 6.4 Ugogo wathi uvinjwe uThenjiwe ukuthi angashoni. (2)
- 6.5 Isiko lokungenwa, bafuna uThenjiwe agane/ angenwe uDumisani emva kokushonelwa umyeni wakhe. (2)
- 6.6 Nondumiso/ngudadewabo. (1)

OKUBULI KWALOKHU:

- 6.7 • Uthi uzovale azihlalele kwasisi wakhe angabuyeli kwaZungu.
• Uthi ukubuyela kwakhe emzini akusho ukuthi uyogana uDumisani.
• Uthi angamane azibulale noma adliwe zinkalo kunokuthi agane uDumisani.
• Ukhombisa ukungamhloniphi umamezala wakhe. (4)
- 6.8 6.8.1 Ukucweba izinyembezi/Ukukhala. (2)
6.8.2 Ukuchaza unabe/Ukuchaza konke. (2)

OKUBILI KWALOKHU:

- 6.9 • Wayengamthandi.
• Wayethi uDumisani mncane kunaye
• Wayengakholelwa esikweni lokungenwa. (2)
- 6.10 Imibono iyokwehluka:
• Ngangiyolwela ilungelo lami ngoba akekho umuntu okufanele acindezele omunye.
• Ngangiyovuma, ngoba kuyisiko okumele ligcinwe ukuphambana nesiko kwesinye isikhathi kudala izinkinga. (2)
- 6.11 Iqiniso. Washo ukuthi ngabe useshonile inkinga ukuthi uThenjiwe akafuni ukungenwa uDumisani. (Qaphela: Ukwabiwa kwamamaki: iphuzu elilodwa elokusho ukuthi iqiniso noma umbono. Amamaki amabili ayonikezwa umusho OWODWA wokusekela.) (3)
- 6.12 Kungaholela ekutheni uNondumiso axabane nendoda yakhe ngoba ingasuke icabange ukuthi uThenjiwe uzofundisa unkosikazi wayo umkhuba omubi wokungalaleli.
- NOMA
- Umyeni kaThenjiwe angacabanga ukuthi unkosikazi wakhe angeke esaba naso isikhathi sakhe usezolokhu enakene nezinkinga zikaThenjiwe. (2)

6.13 OKUBILI kwalokhu:

- Ikhulumma ngesiko lokungena/wa.
- Illobolo.
- Awukwazi ukubuyela kini uma usushadile.
- Ukuzila kukaThenjiwe.

(4)

6.14 6.14.1 C - UThenjiwe.

(1)

6.14.2 E - UThabi.

(1)

6.14.3 F - Imbangi.

(1)

6.14.4 B - Umyalezo.

(1)

6.14.5 D - Ingwijkhwebu

(1)

NOMA

UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

Izimpendulo zingathinta lokhu okulandelayo:

- Ukuhlaselwa kukaMbandlwa, ishoshozela likaDuma emhlanganweni wokuqala ababewubizile ukuzoxoxa nomphakathi mayelana nentuthuko.
- Ukuboshwa kukaDlamini, induna yenkosи ibekwe icala lokulimaza uMbandlwa.
- Ukushuba kwesimo endaweni: abantu sebehlukena phakathi.
- Abanye bahamba noDuma abanye bahamba nenkosи. Kunokwesabela ukuthi lesi simo singaletha udlame.
- Ukuzama kukaMaShezi ukuxwayisa uDuma ngokuqinisa kwakhe ikhanda.
- Ukungasabeli kukaDuma lapho ebizwa yinkosi.
- UDuma noMbandlwa bafaka amaphosta okwazisa abantu ngomunye umhlangano asebewuhlelile.
- Ukungenelela kukaMaShezi noMaNgema ukuzama ukuxazulula inkinga.
- Ukumuka kukaMaShezi.
- Ukubulawa kukaMbandlwa noDlamini.
- Ukugula kwenkosи iphuthunyiswa esibhedlela.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.

[35]

NOMA

UMBUZO 8

- 8.1 UDlamini uboshelwe ukushaya alimaze uMbandlwa. (2)
- 8.2 Ungummeli. (1)
- 8.3 8.3.1 Ukuya phambili kodaba. (2)
- 8.3.2 Ukufundisa amakhansela ngezinto ezithile. (2)
- 8.3.3 Ukukhipha umuntu oboshiwe ngemali kungakathethwa icala ukuze atokele ngaphandle. (2)
- 8.4 Uqonde ukuthi ngokwesiko lesiZulu umuntu ongaganiwe/ ongenankosikazi akanikwa isikhundla sokuphatha abantu. (2)
- 8.5 • Wahamba waya kokhuluma noMaNgema engamtshelanga uDuma.
• Waxosha uMbandlwa umngani womyeni wakhe.
• Wamuka waya kubo washiya uDuma ngoba ethi uDuma akafuni ukumlalela uma embonisa. (2)
- 8.6 • Ibekwa ngoba ihlakaniphile.
• Ingumnumzane onemfuyo (2)
- 8.7 Yingoba alulethi lutho oluhle kodwa luletha ukubulalana kwabantu, (ubuhlungu nobunzima emphakathini) (2)
- 8.8 Yingoba uDuma noMbandlwa bayaqhube ka nokwenza izinto ngendlela yabo abaceli enkosini okudala impikiswano emphakathini engaletha ingxabano. (2)
- 8.9 Yiqiniso, izimpendulo zingathinta OKUBILI kwalokhu:
• uDuma okade ezenza ohlakaniphile engafuni ukulalela inkosikazi yakhe, induna nenkosi ugcine eseguqukile.
• Kuphele konke ukuhlakanipha ngesikhathi kubulawa umngani wakhe, uMbandlwa waze wasizwa amaphoyisa amthatha amyisa esikhumulweni sawo.
• Usekhuluma nosayitsheni ngokukhulu ukuzithoba njengomuntu ohloniphayo kanti kade ingekho yonke inhloniph

- Ugcine esehamba naye uMaShezi kanye noSayitsheni eseyoxolisa enkosini ngazo zonke lezi zinto azenzile nakhona esekhombisa inhlonipho nokuzithoba kanti wayekade ethi yena ngeke azehlisele inkosi. (3)
- 8.10 Izinguuko/Ukulethwa kwentuthuko ngoba yizona eziqhatha abantu abaholayo lapha emphakathini okuyinkosi uShandu nekhansela uDuma. Yilowo nalowo ufuna ukuba ngaphezu komunye akekho ofuna ukuzehlisa. (2)
- 8.11 Imelodrama. Lokhu sikusho ngoba uDuma okunguyena ongummeleli nebesicabanga ukuthi nguyenya ozogcina efile kulo mdlalo akafi, kufa abelekeleli okunguMbandlwa noDlamini. Ekugcinenei uDuma izinto zimhambela kahle. Inkosi iyamxolela, uMaShezi uyabuya, kuba nokuthula ezweni. (3)
- 8.12 UDlamini noMbandlwa. Bobabili babhebhethekisa udlame (3)
- 8.13 8.13.1 C-Umuntu ongelutho/ongahloniphekile emphakathini. (1)
- 8.13.2 E-Ukubonisa umuntu. (1)
- 8.13.3 A-Ukukhulumela into phambili. (1)
- 8.13.4 B-Ukubuka emehlwani. (1)
- 8.13.5 D-Ukubambana ngezandla. (1)

AMAMAKI ESIQEPU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 9: *Mhla Liduma Laduma – MJ Mngadi*

- Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo: Indikimba yale ndaba ukuzifihla ubuwena (disguise).
- Wonke umuntu okule khomphathimente uzifihle ubuyena.
- Isitimela yindawo lapho kuhlangana khona abantu abehlukeke abangazani ngezinhloso ezahlukene.
- Njengoba behlangana lapha esitimeleni nje nalaba balingiswa abazani, banezinhloso ezahlukeke futhi kulula ukuthi bazifihle ububona ngoba abazani. Umuntu ukhomba yilokho akutshelwayo.
- Ukuhlangana kwabo kanje kwenza bonke babone icebo labo liphumelela.
- ULaduma usebenzisa umntwana ukwenza abantu agibele nabo ngisho namaphoyisa imbala alibale ukumzwela osizini abhekene nalo lwengane encane eshiywe unina kunokunaka inhloso yakhe yokuhamba nengane.
- ULaduma lo isigebengu esifunwa amaphoyisa, kunezinsolo zokuthi uphethe amadayimani okwebiwa.
- Ngempela uwaphethe kodwa uwafihle ebhakedeni elinamakaka engane angafuni nokuthi liwashwe ngoba ufunalihlale linuka ukuze kungabi bikho ozosondela khona.
- UNyandeni nomkakhe uMaNyambose bona nabo babengamaphoyisa ayetshalwe ukuthi agade uLaduma ukuthi akabaleki yini aphunyuke amaphoyisa esemtholile.
- Endleleni yonke babelokhu benza sengathi bezwelana naye uLaduma kanti bazama ukumsenga ulwazi ababeludinga olwaluzomcindezela.
- UPhakathi yena wayeyiphoyisa elaliqaphe amanye ukuthi angavumi ukugwazelwa.
- Njengoba ayegcwele lapha nje lawa maphoyisa ayengazani. Ayetshalwe abamaningi ukwenza isiqiniseko ukuthi inyamazane (uLaduma) yabo ayiphunyuki.
- UMaDuma yena wayengunkosikazi kaLaduma kodwa babesha sengathi abazani ukuze kuphumelele icebo labo.

[35]

- Wonke umuntu owayekule khompathimenti wayelifihiile igama lakhe langempela. Kule khompathimente wonke umuntu wayezibona ukuthi uhlakaniphile kunomunye.
- Omunye ebuka omunye ubulima kanti nomunye ubuka omunye. Ekugcineni kwacaca ukuthi okunguyena oyisilima yimuphi.
- Ikhompathimenti le yayiyositokisi sikaLaduma kodwa yena ebe engazi. ULaduma wayesebenzisa ikhompathimente ukuphumelelisa icebo lakhe engazi ukuthi ikhompathimente le isiyositokisi sakhe.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi).

NOMA

UMBUZO 10: Umunwe – S Zimema

- 10.1 Zazikhwelezela izintombi zazo. (1)
- 10.2 • Ukuthi uyazi ukuthi bayazinakekela kakhulu.
• Yibona abazi kangcono kunabanye abantu nobungozi bezifo.
• Bazi (ngokuvikelwa kwezifo) ukuthi izifo zivikelwa kanjani (3)
- 10.3 Isithole isikhundla esithe xaxa kunaleso eyayikuso. (1)
- 10.4 Yingoba yayihlala imbona eyedwa njalo. (2)
- 10.5 10.5.1 Ukuwasusa ungasambuki/bheki umuntu (2)
10.5.2 Ukukhulumu ngokungasheshi/ukukhulumu ubale amagama. (2)
10.5.3 Ingculazi (2)
- 10.6 10.6.1 Edendale.
10.6.2 Ungunesi (2)
- 10.7 OKUTHATHU kwalokhu:
• Ubungani obunombandela.
• Akamfuni umngani ozokwenza sengathi uyamthanda kanti ufunu okuthile kuye.
• Akamfuni umngani wamanga.
• Akabufuni ubungani obuhlotshisiwe. (3)
- 10.8 Ungenzi izinto ngoba ucabanga ukuthi awubonwa ngoba kugcina kuvele konke osuke uthi uyakufihla. (2)
- 10.9 Ngiyavumela.
- OKUBILI kwalokhu:
- Ishadile kodwa ithi ayishadile kuZodwa.
 - Ikhipe irangi yomshado ukuze izokwazi ukweshela.
 - Ithi uma uZodwa engathi akaye esontweni ingavele ihoxe kancane kancane kodwa ingamtsheli lutho.

- Uthi uma uZodwa engathi akaye esontweni angavuma kodwa angalubeki. (3)

AMATHATHU ALAWA:

- 10.10
 - Kungaletha izifo eziyingozi.
 - Kungadala inzondo.
 - Kungenza ukuthi izintombi zilwe futhi zize zibulalane
 - Akwenzeki ukuthi izintombi uzithande ngokulingana. (3)
- 10.11 Kuliqiniso. Akazange amane aqome le nsizwa ngemuva kokuthi imeshelile. Kunalokho wathi angeke ayiqome ngoba iganiwe. Uyabahlonipha abanye abantu besifazane ikakhulu labo asebeganile. (3)
- 10.12 Yebo. Sikhuluma ngomunwe ohlala indandatho. Yiwona lo munwe abona ngawo uZodwa ukuthi le nsizwa iganiwe. Yayiyikhophile le ndandatho yenzela ukuthi ibonakale njengomuntu ongaganiwe kanti lapho kuahlala khona indandatho sekumhlophe/sekunomaka. (3)
- 10.13
 - UZodwa umtshela ukuthi ngeke amqome ngoba ushadile. (1)
 - Wamtshela ukuthi akabheke umunwe wakhe (1)
 - Kuyabonakala lapho okuhlala khona iringi kumhloshana (1)

[35]

AMAMAKI ESIQEPU C: 35

ISIQEPHU D-IZINKONDLO

IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga NO JJ Thwala

UMBUZO 11: *Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha* – LMMS Madondo

11.1 OKUTHATHU kwalokhu:

- Le nkondlo ikhuluma ngothando Iweqiniso lwabantu abashadile.
- Imbongi ithi uthando Iweqiniso lwakhelwe phezu kwesisekelo esingazanyazanyiswa yizinkinga abashadileyo abahlangabezana nazo.
- Imbongi ithi uma umuntu esakhula uthandana nabantu abaningi, abanye kufike izinkinga behluleke ukumelana nazo basale endleleni kodwa lo okuthanda ngokweqiniso akanyakazisa yizinkinga.
- Ubekezelela bonke ubunzima obuvivinya uthando lwabo.
- Uthando Iweqiniso aluqedwa amanga alethwa yizinhlebi, ubuthakathi, ukweswela, ukugula nokunye nokunye.
- Lolu thando lumi ingunaphakade.

NOMA

- Kungaba ukuthi le nkondlo ikhuluma ngobungani obuphakathi komuntu ofundayo nezincwadi zakhe.
- Imbongi ithi iyabuhlonipha lobu bungani ngoba bubekezelele ubunzima.
- Uma abantu beqala ukufunda, ikakhulukazi ezikhungweni zemfundo ephakeme, baqala bebaningi.
- Baye ngokuya besala endleleni uma behlangabezana nobunzima.
- Bese kuba khona labo abayibamba ishisa, abangayekiswa izinkinga abahlangabezana nazo.
- Ngenxa yokuthi lobu bungani bembongi nezincwadi zayo bakhelwe phezu kwesisekelo esiqinile, abuzanyazanyiswa yilutho.
- Imbongi iyazazi ukuthi ifuna ukugcina ifinyelele kuphi, ayikhathalele bukhazikhazi, ngamanye amazwi iza esikoleni igqoke izinto ezingenasmanga, ayifune kugqama, yazi kahle ukuthi izokwenzani lapha, futhi ayande ngakukhuluma ibhekene nezincwadi zayo nje kuphela hhayi okunye.
- Akukho okungagudluza umqondo wayo kulokho.

(3)

11.2 Lobu bungani **ngiyabuhlonipha**.

Ngiyabuhlonipha lobu **bungani**

Bungani ngikubuke **ngakugqolozela**

Ngakugqolozela ngabona **izimpawu**,

Izimpawu ezenze **ngakuhlonipha**

Ngikuhloniphe ngibuka indlela owakhiwe ngayo.

(Imigqa emibili kule engenhla).

(2)

11.3 Kufikwe ethafeni bancipha ohamba **nabo**

Kuqoshwe intaba sebeyidlanzana ohamba **nabo**.

NOMA

Weqiniso.

(1)

Bayazibuza abangani ukuthi yini imfihlo

(1)

Yakho

11.4 11.4.1 Ukungavumi ukwenza into ethile. (2)

11.4.2 Ukuhamba usheshe. (2)

11.4.3 Umlilo omkhulu ongacisheki kalula. (2)

11.5 Ilirikhi. (1)

11.6 Ukwenzasamuntu. (2)

11.7 Ubude bemigqa benza isigqi senkondlo sinense. (1½)

[17½]

NOMA

UMBUZO 12: *Inhlansi Yakho Thuli* – SB Mlambo

12.1 Yimpi. (1)

12.2 12.2.1 Ukukhula kothando imbongi eyase inalo ngalo muntu. (2)

12.2.2 Kusho ukuthi imbongi yayinqoba le ntombi/intombi yayiqoma/ yathatheka. (2)

12.2.3 Kusho ukuhamba ungazi lapho uya khona/ Imbongi yayihamba ingazi ukuthi iyaphi. (2)

- 12.3 Ukunyamezela/Ukubekezelwa
Lapha imbongi isitshela ukuthi yehluleka ukuzibamba ingayesheli le ntombi ngoba uthando lwayo lwaselwakhekile. (3)
- 12.4 Mawungacishwa. (1)
Mawungacishwa.
Ukuxhumana siqalo. (2)
- 12.5 12.5.1 Ngeyamagama. (1)
12.5.2 Ngazibongela. (1)
12.5.3 Inhlansi. (1)
- 12.6 Sinesigqi esinensayo ukuze kuzwakale kahle ukuthi imbongi isiyinqobile le ntombi eyithanda kangaka (1½)
- [17½]**

NOMA

UMBUZO 13: *Ngingoweliba* – NL Luthuli

- 13.1 UJesu (1)
- 13.2 13.2.1 Umphefumulo usuphumile emzimbeni/ useshonile/ akasaphili. (2)
13.2.2 Umzimba uphelela ethuneni ngoba uyangcwatshwa (2)
13.2.3 Ukwahlula ukufa, uvuke ethuneni njengoba uJesu wavuka engcwabeni (2)
- 13.3 Ba- - Ba- - (umugqa 17 no19) (1½)
- 13.4 Sikhombisa ubuhlungu abantu abahlangabezana nabo uma befihla/bengcwaba umuntu wabo. (2)
- 13.5 Ziwulolonga ngokunikeza isigqi esinensayo, ukugcizelela ukuthi wonke umuntu uzofa ngoba ngisho noJesu imbala eyindodana kaNkulunkulu naye wafa wangcwatshwa (2)
- 13.6 Ngingoweliba- lyagcizelela imbongi lapha ukukhombisa ukuthi wonke umuntu uphelela engcwabeni. (3)
- 13.7 Sihambelana kahle ngoba sisho okufanayo nalokho okushiwo yinkondlo ukuthi wonke umuntu ugcina engcwabeni. (2)
- [17½]**

NOMA

UMBUZO 14: *Unozidumo – LMS Madondo*

- 14.1 Unkosazane/No (1)
- 14.2 • Le nkondlo ikhuluma ngezombangazwe.
• Ikhuluma ngokuhlaselwa kwe-Iraq ne Afganistan ihlaselwa yiMelika.
• Okungajwayelekile ngale mpi ukuthi umphaki kwakungumuntu wesifazane (uCondoleza). (3)
- 14.3 Uyiphake esuka eMelika wayikhomba e-Iraq/Afganistan. (2)
- 14.4 14.4.1 Ihluliwe/inqotshiwe. (2)
14.4.2 Abantu abaningi asebeshonile (2)
- 14.5 Ukuxhumana Siqalo
Ngikubonile
Ngikubonile
- NOMA**
Ngikuzwile
Ngikuzwile
- NOMA**
Uyiphake
Uyiphake (2)
- 14.6 UBin Laden. (1½)
- 14.7 14.7.1 Ukuyivivisa. (1)
14.7.2 Ukwesaba. (1)
- 14.8 Yingoba uyisizukulwane sezigqila. (2)

AMAMAKI ENKONDLO YESINE: [17½]

AMAMAKI ESIQEPU-D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2011

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-22.

IMIYALELO KWABAHOLWAYO

1. Fundisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Bheka kokuqukethwe uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.
3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.
4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikeziwe embuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.
5. Bhala izinombolo zezipendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.
7. Qala ISIQEPU NESIQEPU ekhasini ELISHA.
8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili . Akungathathwa imibuzo imibili encwadini eyodwa.
9. QAPHELA: Uma ukhetha ISIQEPU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizosiza abafundi ukukhetha imibuzo abafisa ukuyiphendula.

ISIQEPHU A: INOVELI		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA		
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO	IKHASI
1. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	Umbuzo omude [35] NOMA	4
2. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	Umbuzo omfishane [35] NOMA	4
3. <i>Umshado</i>	Umbuzo omude [35] NOMA	6
4. <i>Umshado</i>	Umbuzo omfishane [35] NOMA	6
ISIQEPHU B: UMDLALO		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA		
5. <i>Isiko Nelungelo</i>	Umbuzo omude [35] NOMA	8
6. <i>Isiko Nelungelo</i>	Umbuzo omfishane [35] NOMA	8
7. <i>Ababulali Benyathi</i>	Umbuzo omude [35] NOMA	10
8. <i>Ababulali Benyathi</i>	Umbuzo omfishane [35] NOMA	10
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA		
9. <i>Mhla Liduma Laduma</i>	Umbuzo omude [35] NOMA	12
10. <i>Umunwe</i>	Umbuzo omfishane [35] NOMA	12
ISIQEPHU D: IZINKONDLO		
Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI [17 ½ + 17 ½ = 35]		
11. <i>Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha</i>	Umbuzo omfishane [17 ½] NOMA	14
12. <i>Inhlansi Yakho Thuli</i>	Umbuzo omfishane [17 ½] NOMA	16
13. <i>Ngingoweliba</i>	Umbuzo omfishane [17 ½] NOMA	18
14. <i>UNozidumo</i>	Umbuzo omfishane [17 ½] NOMA	20

ISIQEPHU A: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

Ukuzithuthukisa kuyinto enhle. Akufanele umuntu aneliswe yilokho anakho kuphela, kuhle ukuhlala njalo ufunu ukuthola okungcono njalo. Sekela lo mbono ubhekise kuManyoba.

[35]

NOMA**UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UManyoba wasebenza eGoli iminyaka eminingi engakwazi ukuzijabulisa ngoba efundisa izingane zakhe, efuna ukuba zisebenze zinganceli izithupha njengaye. Engakayi ukuyofuna umsebenzi ePitoli, wake wahlaselwa ukufa okwamenza waphindela ekhaya. Wahlatshwa yizibhobo zathi azimbulale, zaze zathi izinsizwa zakubo kungcono abuyelete ekhaya ukuze alashwe ngesiZulu ngoba becabanga ukuthi waphuzela okhambeni okwakuphehlelwa amanzi ngalo. Wahanjiswa ekhaya ngokushesha. Walashwa kodwa kwanhlanga zimuka nomoya, wase eyiswa esibhedlela. Wahlala izinyanga ezintathu zonke elashwa esibhedlela saseGreytown. Esengcono waphindela eGoli lapho ayesebenza khona, wahlala unyaka wonke wasethola umsebenzi ePitoli. Kwaba kubi impela ezinsizweni zangakubo esehamba eGoli, kodwa kwakungekho ababengakwenza ngalokho ngoba babengeke balawule impilo yakhe. Wahamba kanjalo-ke eGoli.

Engakashiyi ePitoli wafunda ukushayela izimoto ezincane, wazithola izincwadi zokushayela ngemuva kokukhulu ukwehluleka lokhu. Wajabula kakhulu ngoba uNdabazabantu wamnika umsebenzi wokushayela khona ngaphakathi efemini, ngemuva nje kwesikhashana esanda kuthola izincwadi. Ngemuva kwezinyanga ezimbalwa, wanikwa umuntu owazi kahle indawo ukuze aqale ukuhambisa izimpahla ezindaweni lapho zifuneka khona. Lo msebenzi wamhambisa iPitoli neGoli lonke ngoba wayediliva izimpahla. Wawusebenza-ke lo msebenzi ngokukhulu ukuzimisela lokhu. Wagcina ewushiyele umsebenzi wabuyela kwelakubo.

EPitoli wasebenza kahle impela ehlala ehositela eMamelodi. Nakhona la kwakukhona ezinye izinsizwa zangakubo, okwakuyizo ezamtholela umsebenzi. Inkinga yakhe manje kwakungukuthi izingane sezikhulakhulile, sekufanele ziyosebenza isithupha. Akabange esachitha isikhathi ngemuva kwalokho, washiya emsebenzini maqede wayofuna indawo eMdlovana ukuze asuse umndeni wakhe, wayokwakha eZitendeni. Umsebenzi wawungekho kahle eGreytown, waseya eMgungundlovu lapho athola khona eDeli. Lapha babesenga izinkomo epulazini lomLungu, maqede babuyelete eDeli beyosebenza ngaphakathi. Akawutholanga owokushayela ngoba izincwadi zakhe zabe zizincane kukhona izimoto ezinkulu lapha emsebenzini.

- 2.1 Kwakungubani unkosikazi kaManyoba? (1)
- 2.2 UManyoba wayenezingane ezingaki? (1)
- 2.3 Ngokwalesi siqeshana esingenhla, yini eyayenza ukuthi uManyoba angakwazi ukuzijabulisa? (1)
- 2.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endaben: (2)
- 2.4.1 Ukuncela isithupha (2)
 - 2.4.2 Kwanhlanga zimuka nomoya (2)
 - 2.4.3 Ukuhlaselwa ukufa (2)
- 2.5 Yini eyenziwa uManyoba ukuzithuthukisa ngesikhathi esasebenza ePitoli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.6 Yimuphi umgomu owabekwa uManyoba ngowayezothola imali yakhe uma yena eseshonile? (2)
- 2.7 Bhala izinto EZINTATHU ezikhombisa ukungaphatheki kahle kukankosikazi kaManyoba emzini wendodana yakhe uFanyana. (3)
- 2.8 Amadodana kaManyoba awakhulumanga namakhosikazi awo ngaphambi kokuthatha isinqumo sokuhamba nabazali bawo. Ngokubona kwakho kwakufanele yini kwenzeke kanjalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.9 Wena ucabanga ukuthi kwakufanele yini ukuthi abantwana bakaManyoba bamhlukanise nonkosikazi wakhe ngesikhathi engasakwazi ukuzondla? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 2.10 Ekugcineni kwale ndaba uManyoba ugcina eseysigwili. Ngamaphuzu AMABILI chaza kafushane ukuthi lokhu kwenzeka kanjani. (2)
- 2.11 Ngabe umbono noma iqiniso ukuthi uManyoba akumsizanga ukufundisa izingane zakhe? Sekela impendulo yakho. (3)
- 2.12 Wena ukube wawunguManyoba, wawuzobapha yini abantwana bakho imali uma usuwine ilotto emva kokuthi bekuphathe kabi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.13 Ngabe umbhali wale ndaba uhlose ukusifundisani ngayo. Bhala OKUBILI. (2)

2.14 Qondanisa UHLU A noHLU B

UHLU A	UHLU B
2.14.1 UMirriam	A wayedume ngokudlala ibhola esakhula
2.14.2 UThembelihle	B unkosikazi kaFanyana
2.14.3 UManyoba	C umfundisi eMnambithi
2.14.4 Indodana kaZakwe	D indodakazi kaManyoba
2.14.5 UMaNene	E ingane kaFanyana

(5 x 1)

(5)
[35]**NOMA****UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu**

Kunesimo sokukhuluma esithi 'Uthando Aluboni'. Chaza lesi simo sokukhuluma ubhekise kuBhekani.

[35]

NOMA**UMBUZO 4: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kwedlula amasonto amaningana impela iphupho lilokhu limbelesela uBheki. Noma kunjalo akayivezi le ndaba kunina. Imququda yedwa. Afikelwe umqondo wokuthi ake aye kwababonayo, bambhulele. Awulahle lo mqondo. Abone ukuthi sengathi izomehlisa isithunzi le nto yokuhamela izangoma enguthisha. Wabuye wakhumbula nendaba ayeyizwe ngomngani wakhe, yayithinta sona isangoma. Lesi sangoma wawuthi uma uqala ukufika kuso sikubalele bonke abantu abakhulu esesake sabasiza. Wabona uBheki ukuthi akayiyeke leyo nto, angaze angene kulabo ababalwa yisangoma.

Waqinisela nokho phezu kokuba iphupho lalimphethe kabi. Okwakumphatha kabi du; ukuthi leli phupho lingabuvezi nakancane ubuhle bukaTholakele.

'Kodwa noma kunjalo ngizoshada noTholakele. Angikwazi ukunqamula lolu thando enginalo naye.' Ukhuluma yedwa njalo uBheki. Afike ekhaya alungiselele ukuya emsebenzini.

'Akukho myalezo ngoLindiwe mama?'

'Awukho mntanami. Ngisazolinda nanamuhi.'

Ahambe uBheki aqonde esikoleni. Sasingekho isidingo sokuba abonane noTholi ekuseni. Esalinde imoto wezwa ngabantu bexoxa ngemoto ebomvu ethatha amantombazane ayodlwengulwa maqede abulawe. Waziduduza ngokuthi ngeke yenzeke leyo nto kuLindiwe. Yamethusa nokho le ndaba. Afike esikoleni nakhona

kuxoxwa yona leyo ndaba. Abone ukuthi akakabuze uSifiso ngale ndaba ngoba kuningi akwaziyo.
 'Uke wezwa nje ngale moto ebomvu okuthiwa ithatha amantombazane Sfiso?'
 'Kuthiwa iwathatha iwasephi?'
 'Ayobulawa phela.'
 'Cha, angiyazi.'
 'Ikhona yini intombazane oyaziyo abayithathile?'
 Angabaze manje uBheki agcine ephendulile: 'Ikhona, kodwa bathe bayiyisa ekhaya layo.'
 'Usuke wayicinga ekhaya kodwa?'
 'Cha.'
 Bathule okwesikhashana aqhubeke uSfiso abuze: 'Konje uthi ungase ushade impela noTholi?'
 'Akungatshazwa. Izinto zona azingihambeli kahle, kodwa ayikho into engingayenza. UTholi uyangithanda nami ngiyamthanda.'
 'Uzomlobola kubani?'
 'Kanti abekho yini abakubo?'

- 4.1 Wayenza msebenzi muni uBhekani? (1)
- 4.2 Yiliphi leli phupho elalibelesela/limhlupha uBhekani? (2)
- 4.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endaben:
 - 4.3.1 ukuququdwya yindaba (2)
 - 4.3.2 ukwehla isithunzi (2)
 - 4.3.3 abantu ababonayo (2)
- 4.4 Bhala izinto EZIMBILI ezazenza ukuthi uBhekani angathandi ukuyobhula. (2)
- 4.5 ULindiwe okukhulunywa ngaye kulesi siqephu wayehlobene kanjani noBhekani? (2)
- 4.6 Yini eyayenzeke kuLindiwe eyayibangela ukuthi uBhekani akhathazeke ngaye? (2)
- 4.7 Bhala izinto EZIMBILI ezifakazela ukuthi uSifiso wayenolwazi oluningi mayelana nezindaba ezithinta uBhekani noTholakele. (2)
- 4.8 Ngokucabanga kwakho, kungani uTholakele ebonakala engafanele ukuthi athandane noBhekani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 4.9 Ngabe ngumbono noma iqiniso ukuthi uBhekani wayesenalo uthando lukaLindiwe nakuba basebenesikhathi eside bagcinana? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.10 UBhekani uvezwe njengomlingiswa ongathandi ukulalela abantu uma bemunika izeluleko. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo ngamaphuzu AMABILI. (3)

- 4.11 Ngabe uyawuma noma uyaphika ukuthi ekugcineni kwaleli noveli kunengwijikhwebu? Sekela impendulo yakho ngokuchaza okwenzekayo esiphethweni ngamaphuzu AMATHATHU. (4)
- 4.12 Mlavezoo muni esiwuthola ngokufunda leli noveli? Chaza bese usekela ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 4.13 Qondanisa UHLU A noHLU B

UHLU A	UHLU B
4.13.1 Ukubelesela	A ukuqedo uthando
4.13.2 Ukubhula	B ukukhulisa uthando
4.13.3 Ukulahla umqondo	C ukufuna incazelo esangomeni
4.13.4 Ukunqamula uthando	D ukuphindaphinda into eyodwa
	E ukuyeka ukucabanga ngento ethile

(4 x 1)

(4)

[35]

AMAMAKI ESIQEPU A:**35**

ISIQEPHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 5: ISIKO NELUNGELO – N Zulu

Bhala izehlakalo ezikhulisa lo mdlalo (isakhiwo) kuze kufike kuvuthondaba.

[35]

NOMA**UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

(UMondise ukhuluma noThenjiwe endlini)

Mondise: Usuhlale isikhathi eside lapha ndodakazi. Kuzofuneka ngikubuyisele emzini.

Thenjiwe: Hawu Baba!

Mondise: Impela. Unyoko nami sesikuchazele kabanzi ngesiko lokungena. Akusekho esingabuye sikusho okudlula lokhu.

Thenjiwe: Ngizwile nami baba. Inkinga idalwa ukuthi anginalo uthando lukaDumisani mina.

Mondise: Uqinisile. Akulula umthande engekho eduze. Yikho ngithi buyela emzini nabo bazame abangakuzama manje.

Thenjiwe: Okungcono ngizovele ngiye kozihlalela kwasisi mina.

Mondise: Kubi ukungalaleli. Usufuna ukuyokonisa udadewenu-ke manje kanti uzihlalele kahle emzini. Ufuna ukubonani? Ufuna ngikubambe ngezandla?

Thenjiwe: *(Zigcwale amehlo)* Ngiyaxolisa baba. Ngicela wazi ukuthi ukubuyela kwami emzini akusho ukuthi ngiyogana uDumisani.

Mondise: Le nkani yakho isifake abantu abanangi ezinkingeni. Ngiyajabula ngoba amaphoyisa ambopha ngokushesha uSipho.

Thenjiwe: Hawu baba. USipho uboshiwe?

Mondise: Uboshiwe, angithi uyena lo odala ube nenkani.

Thenjiwe: USipho akanacula. Wayengilamulela.

Mondise: Ukhona umuntu olamula ngommese? Lunga-ke ntokazi. Kuzofuneka sidlule kugogo wakho. Uvele wavukwa ukugula kwakhe ezwa lezi zimanga zakho. Angazi noma siyomfica esaphila.

Thenjiwe: Uthi nimtshelile ukuthi ngiganiswa umuntu ngingamfuni?

Mondise: Usuyomtshela wena lokho. Thina usibeka icala lokuthi asikufundisanga ngani wonke amasiko esintu. Cishe naye ufunu ukulahlela umlomo okokugcina.

Thenjiwe: Angifuni baba ukubuyela emzini.

Mondise: Ayikho into engenziwa manje. Emva kokulimala kukaDumisani yaphoqeleka ukuthi uhambe. Sizosuka ngezimoto zasemini lapha ukuze sidlule esalukazini. Siyahamba akukho okunye?

Thenjiwe: Kodwa ba ...

Mondise: Siyahamba emini. Uyangizwa?

Thenjiwe: Asihamb ...

Mondise: Sengathi usungikhohliwe wena. Siyahamba emini. Kuphela-ke. Uyezwa?

Thenjiwe: Ngiyezwa baba.

Mondise: Uma sengithi asihambe siyobe sesihamba. Emzini angisafuni msindo ozowususa manje. Ngifuna uzithobe ufanu nemvu. Ususiphoxe kakhulu. Hamba uqoqe izimpahla zakho zonke. (*Behlukane*)

- 6.1 Ngubani uSkhumbuzo ngokwalo mdlalo? (1)
- 6.2 Ingabe uThenjiwe uzokwenzani ekhaya njengoba ethi akakaqedu nosuku olulodwa nje? (1)
- 6.3 Wayeboshelweni uSipho? (2)
- 6.4 Yimaphi amagama amabi athi uThenjiwe akhulunywe ngugogo wakhe? (2)
- 6.5 Iliphi leli siko uMondise athi sebamchazela kabanzi uThenjiwe ngalo? (2)
- 6.6 Ngubani lo sisi uThenjiwe athi uzohlala kwakhe? (1)
- 6.7 UThenjiwe uvezwe njengomlingiswa onenkani. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (4)
- 6.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endaben:
 - 6.8.1 Zigcwale amehlo. (2)
 - 6.8.2 Ukuchaza kabanzi (2)

- 6.9 Bhala izizathu EZIMBILI ezazenza ukuthi uThenjiwe angafuni ukugana uDumisani. (2)
- 6.10 Wena wawungenzenjani ukuba wawunguThenjiwe kufanele ungenwe uDumisani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.11 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi ugogo kaThenjiwe wayemcindezela ukuthi ashade noDumisani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 6.12 UMondise uthi uThenjiwe uyokonisa udadewabo emzini. Ngokucabanga kwakho chaza ukuthi wayezomonisa kanjani. (2)
- 6.13 Lo mdlalo uphathelene nezamasiko. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (4)
- 6.14 Qondanisa UHLU A noHLU B

UHLU A	UHLU B
6.14.1 Umakoti wakwaZungu	A umqhathi
6.14.2 Wavimba uDumisani ekuphuzeni itiye noshevu.	B umyalezo
6.14.3 Umlingiswa ophikisana nommeleli.	C uThenjiwe
6.14.4 Isifundo osithola uma usufunde umdlalo wonke.	D ingwijikhwebu
6.14.5 Yilokho okusuke kungalindelekile esiphethweni sendaba	E uThabi
	F imbangi

(5 x 1) (5)
[35]

NOMA

UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

Bhala izehlakalo ezikhulisa lo mdlalo (isakhiwo) kuze kufike kuvuthondaba.

[35]

NOMA**UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

Shandu:	(<i>Ithukuthele kodwa nokudumala kuyabonakala kuyo</i>). MaNgema, le nto iyadlondlobala. Nakhu-ke manje sekuboshwe nenduna yami.
MaNgema:	(<i>Udumele</i>) Baba, uqinisile uma uthi lolu daba luyadlondlobala. Ngempela luyabhebhetheka. Konke lokhu kudalwa yinkani yaleli Khansela. Uyedelela ngempela lo muntu ndini. Uthi abantu mabenze njani uma ebiza imihlangano engakwazisile? Hawu! Waze wasilaya lo Hulumeni ngokungawaqequeshi amakhansela akhe. Wake wezwaphi nje ukuthi umuntukazana uke abize isizwe senkosi ngaphandle kokwazisa inkosi ebusa kuleyo ndawo. Nayo intando yeningi angiboni ukuthi ingakuvuma lokho.
Shandu:	Uthole into emfanele uMbandlwya ngoba nguye okufanele adodise ikhansela lakhe. Uyabona-ke mina sengizolinqinisa elami ikhanda. Bengimethemba lo mfana wakwaMbandlwya.
MaNgema:	Baba ungamethemba kanjani umuntu oyimpohlo? Wake wezwaphi ukuthi abantu bangaholwa yimpohlo? Yazini impohlo? Okunye nje lokho okubhidliza isizwe. Thina maZulu asimbeki umuntu oyimpohlo esikhundleni.
Shandu:	Angithi intando yeningi nje. (<i>Aneke izandla</i>) Kudingeka ngiye enkantolo ngoMsombuluko khona ngizobheyila uDlamini uma kudingeka.
MaNgema:	Baba, umthintile nje ummeli uSidamba?
Shandu:	MaNgema! Leyo yinto engiyenze kuqala ngesikhathi ngizwa eyokuboshwa kukaDlamini. Uyazi mina ngithandazela ukuthi kungasuki umbhedukazana endaweni yami. Phela sekungenzeka kubuye udlame njengoba lunjalo.
MaNgema:	(<i>Aneke izandla sakulahla ithemba</i>) Baba! Uma kusenabantu abanjengoDuma noMbandlwya, luzobuya udlame.
Shandu:	(<i>Ahebeze ngesandla sokudla</i>) Hhayi bo, ungasho njalo! Phela udlame aluzange luklomelise muntu. Ngusathane kuphela owabutha izindondo.
MaNgema:	Kukho konke okwenzekayo nokusazokwenzeko, wena baba kumele wazi nje ukuthi nguwe inkosi yale ndawo. Kubi okwenzekayo kodwa kuthathe njengomzabalazo wamakhosi. Mhlawumbe nalo Hulumeni uzocabanga ngokunye. Kunini nje bekhuluma, bebikezela ngomthetho wamandla amakhosi.

- 8.1 Ngubani oboshiwe lapha futhi uboshelweni? (2)
- 8.2 Usebenza msebenzi muni uSidamba? (1)
- 8.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:
- 8.3.1 Ukudlondlobala kodaba. (2)
 - 8.3.2 Ukuqequesha amakhansela. (2)
 - 8.3.3 Ukubheyila umuntu. (2)
- 8.4 Uqonde ukuthini uMaNgema uma ethi 'Thina maZulu asimbeki umuntu oyimpohlo esikhundleni'? (2)
- 8.5 Kunezinto ezazensiwa uMaShezi ezazikhombisa ukungamhloniphi umyeni wakhe. Bhala zibe ZIMBILI. (2)
- 8.6 NgokukaDlamini yiziphi izinto EZIMBILI ezibhekwayo uma kubekwa indoda esikhundleni. (2)
- 8.7 Kungani uShandu ethi udlame aluzange luklomelise muntu? (2)
- 8.8 Yini eyenza uMaNgema athi udlame luzobuya? (2)
- 8.9 Ingabe kuliqiniso noma umbono ukuthi nakuba uDuma waqala ephakeme wagcina ethotshisiwe (humble). Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI ubhekise kuDuma. (3)
- 8.10 Yini isisusa sodweshu kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 8.11 Luhlobo luni lomdlalo lolu? Sekela impendulo yakho. (3)
- 8.12 Bhala abantu ABABILI abangabaqhathi kulo mdlalo. Sekela impendulo yakho. (3)
- 8.13 Qondanisa UHLU A noHLU B.

UHLU A	UHLU B
8.13.1 Umuntukazana	A Ukukhulumela into phambili.
8.13.2 Ukudodisa umuntu	B Ukubuka emehlwani.
8.13.3 Ukubikezela	C Umuntu ongelutho/ ongahloniphekile emphakathini.
8.13.4 Ukubheka ngqo	D Ukubambana ngezandla.
8.13.5 Ukuxhawulana	E Ukubonisa umuntu.
	F Umuntu oyisikhulu emphakathini.

(5 x1) (5)
[35]**AMAMAKI ESIQEPU B:** 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE***IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)***

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama–240.

UMBUZO 9: *Mhla Liduma Laduma – MJ Mngadi*

Le ndaba yenzeka kukhompathimente yesitimela esisuka eGoli silibhekise eThekwini. Chaza ukuthi ukwenzeka kwale ndaba kukhomphathimente kuyiphumelelisa kanjani indikimba yale ndaba.

[35]

NOMA**UMBUZO 10: Umunwe – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Angazi ukuthi yini le eyenza ukuthi silutheke, sibe nesibindi sokuyosukela abantu esingabazi ukuthi banjani, baphila yiphi impilo. Kuqala amasoka ayebulawa yizishimane ezinesikhwele. Izishimane lezo zazikhwelezela izintombi zazo. Namhlanje amasoka asevele azifele wona, engadutshulwanga, futhi engagwazwanga izishimane. Okubuhlungu yikho ukuthi amasoka lawa abulala nabantu abangenacala, ngaso lesi sikhali esingabonakali.

Akabonakali umuntu ohlome ngalesi sikhali. Zimbi izinto lapha ngaphandle. Kuyabhujwa. Zimbi izifo ezikhona namhlanje. Umuntu uyaye azitshole ukuthi ngeke abe nogcobho umuntu amthandayo ngenxa yamehlo akhe asuke evalwe wuthando. Nami ngiyabalwa kulabo abazitshela lokho. Abahlengikazi ngibathemba kakhulu-ke bona. Yingakho ngibathanda kangaka nje. Ngiyazi ukuthi bangabantu abazinakekelayo kakhulu. Yibona abazi kangcono kunathi mayelana nobungozi bezifo kanye nokuvikelwa kwazo. Ngibabona bephephe kakhulu.

Amehlo ami nawaleya ntokazi athi uma ehlangana, kube sengathi kubakhona into esamlingo eyenzekayo. Kade eqeda kuolangana khona manje nje amehlo ethu. Atha angahlangana, yawabalekisa intokazi le. Aphinda ahlangana. Yaphinda yawabalekisa. Iso ukuthini le nto madoda? Ngabe kuhona ekuzwayo nayo ngaphakathi? Ngabe izwa le nto engiyizwayo? Kungenzeka izinto ziqondane madoda?

'Sawubona Sisi,' kusho mina ngibeka ithileyi lami etafuleni.

'Yebo,' kuphendula intokazi, ingangibheki ngisho ukungibheka.

'Angazi noma ngenza iphutha yini ngokuhlala nawe kuleli tafula?'

'Cha.'

'O, ngiyabonga.' Ngasho ngidonsa isihlalo. Ngahlala. Ngahlala ngaqondana nayo ngqo, yaba ngale kwetafula. Ibheke phansi. Sengifisa sengathi ingavusa ubuso bayo, yikhona ngizokwazi ukuyibona kahle, ngiyibona eduze. Ayingibheki nokungibheka, iqhubeka nalokhu ekwenza lapha epuletini layo.

10.1 Izishimane zaziwabulalelani amasoka?

(1)

- 10.2 Nikeza izizathu EZINTATHU ezenza lo muntu athi abahlengikazi uyabethembwa. (3)
- 10.3 Yini esuse le nsizwa lapho ekade isebeenza khona njengoba isisebeenza lapha nje? (1)
- 10.4 Yini eyenza le nsizwa ibize uZodwa ngenkomo edla yodwa? (2)
- 10.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma:
- 10.5.1 Ukubalekisa amehlo (2)
 - 10.5.2 Ukukhuluma ngokunensa (2)
 - 10.5.3 Isikhali esingabonakali (2)
- 10.6 Khetha impendulo efanele kubakaki:
- 10.6.1 Le nsizwa isebeenza esibhedlela esibizwa ngokuthi yi (Grey's, Edendale, Chris Hani). (1)
 - 10.6.2 UZodwa (ungunesi, unguthisha, ungumabhalane). (1)
- 10.7 Bhala izinto EZINTATHU uZodwa athi akazithandi ngabangani. (3)
- 10.8 Chaza ngomyalezo otholakala kule ndaba. (2)
- 10.9 Ayethembekile le nsizwa ekhuluma kulesi siqeshana. Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nalokhu. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 10.10 Akuyona into enhle ukuqonywa yizintombi eziningi ngesikhathi esisodwa. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 10.11 Ngabe yiqiniso noma umbono ukuthi uZodwa wayeziphethe kahle. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 10.12 Ngabe isihloko sale ndaba siyahambelana yini nokwenzeka endaben? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 10.13 Chaza ingwijikhwebu etholakala kule ndaba emfushane. (3)
- [35]

AMAMAKI ESIQEPU C: **35**

ISIQEPHU D: IZINKONDLO***IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala*****UMBUZO 11**

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha – LMMS Madondo

- 1 Lobu bungani ngiyabuhlonipha
- 2 Ngiyabuhlonipha lobu bungani
- 3 Bungani ngikubuke ngakugqolozela
- 4 Ngakugqolozela ngabona izimpawu,
- 5 Izimpawu ezenze ngakuhlonipha
- 6 Ngikuhloniphe ngibuka indlela owakhiwe ngayo.
- 7 Isisekelo sakho siqine siyitshe
- 8 Size sibe yitshe nje kaze sakhiwa ngani
- 9 Ngisinge ngahlonga ngathola iquiniso
- 10 Sakhewe ngothando nequiniso.

- 11 Uma kwehlela nihambe nibaningi
- 12 Nikhaphuzela,
- 13 Kufikwe ethafeni bancipha ohamba nabo,
- 14 Kuqoshwe intaba sebeyidlanzana ohamba nabo,
- 15 Ufike esicongweni usuhamba nomngani
- 16 Wequiniso.
- 17 Bayazibuza abangani ukuthi yini imfihlo
- 18 Yakho
- 19 Imfihlo yakho uQiniso uThembeka
- 20 uNoluthando
- 21 Uma laba beke bashingila
- 22 Kumuka konke kuphele konke.
- 23 Kungumqansa ukubuyisa lezi zithandani
- 24 Maye itshe ukuzibuyisa

- 25 Kufike izivunguvungu neziphepho
- 26 Kwawohloka konke ziphephetha zibhenguza
- 27 Amakloba omlilo nawo azizwe amandla
- 28 Izikhukhula nazo azizibekanga phansi
- 29 Babaleke bonke bashiya isithunzi
- 30 Wama wasala wazimelela waqinisela.
- 31 Lobu bungani buphoswe emlilweni basha
- 32 Babuka abathi iphelile indaba kanti lutho
- 33 Buphume emlilweni bacwebezela kakhulu
- 34 Kunakuqala
- 35 Buphume sebuqine buyinsimbi.

36 Kufike nongqoqwane
 37 Kuzithemba okungunkunzimalanga,
 38 Kuneqiniso ukuthi kuzobuqedza lobubungani.
 39 Phinde wehlulekile Qhwandini.
 40 Ugadle kulobu bungani washaya umoya
 41 Kubonakele ukuthi buqinile lobu bungani
 42 Akulula ukububhidliza ngenxa yesisekelo
 43 Sabo,
 44 Kufike wena kugula lutho kwafika wena
 45 Zinsizi lutho.
 46 Kwafika wena manga lutho
 47 Wena mthakathi wezindaba
 48 Wagoloza wazigqolozela izitha zakho,
 49 Zasangana zingazi ukuthi zizokwenzanjani
 50 Bungani ngiyakuhlonipha
 51 Awudle ngazimanga namsindo
 52 Awupigogo awunontandakubukwa.

- 11.1 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umqondo wale nkondlo. (3)
- 11.2 Esitanzeni sokuqala, khiphia imisho ekhomba ukuxhumana okuyingxemu. (2)
- 11.3 Esitanzeni sesibili, khiphia imisho enemvumelwano sigcino. (2)
- 11.4 La magama alandelayo achazani ngendlela assetshenziswe ngayo kule nkondlo:
- 11.4.1 ukugoloza (2)
 - 11.4.2 ukukhaphuzela (2)
 - 11.4.3 amakloba omlilo (2)
- 11.5 Iluhlobo luni le nkondlo? (1)
- 11.6 'Bungani ngikubuke ngakuggolozela'. Hlobo luni Iwesifenqo oluqukethwe yilo musho? (2)
- 11.7 Ubude bemigqa yale nkondlo bunamthelela muni kwisigqi sayo? (1½)
[17½]

NOMA

UMBUZO 12

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inhlansi Yakho Thuli – SB Mlambo

- 1 Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
- 2 Ngishiywe nguNontando dengwane,
- 3 Amehlo anezithukuthuku zosizi,
- 4 Ngingaboni lutho wufasimba,
- 5 Kujuluke namehlo.
- 6 Ngakubona buqamama.
- 7 Ngakubona uyinhlasana
- 8 Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
- 9 Ngamangala, ngankema.
- 10 Ngakubona ungena kimi ngamehlo.
- 11 Ngezwa usiyifudumeza inhliziyo,
- 12 Yokhela, yalanguz' ilangabi.
- 13 Ngabuzwa ubulangulangu
- 14 Ngaziba, lakhula ilangabi.
- 15 Kokheleka nakweziny' izitho.
- 16 Ukunyamezela kwangiphika.
- 17 Ukubekezelwa kwanyamalala.
- 18 Wadlondlobala umlilo ngazidela.
- 19 Ngayihlomisa eyomlomo.
- 20 Ngayiphaka ezikhetheni zakwenu.
- 21 Ngakujuma ungazelele.
- 22 Ngakuchoboshisa ngeyamazwi.
- 23 Ngagadla ngengedla wapaquza,
- 24 Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
- 25 Ngagwaza ngesijula.
- 26 Nganqoba ngingeqhawe.
- 27 Ngazihasha ngingembongi,
- 28 Yahlokom' imvelo.
- 29 Kwabakuhle konke.
- 30 Ngayithumb' eyakho inhliziyo.
- 31 Ngayokhelisa yokhela.
- 32 Kwahlangan' ilangabi.
- 33 Mawungacishwa muntu
- 34 Mawungacishwa mvula nomoya.

12.1 Yini le yomlomo eyahlonyiswa yimbongi?

(1)

- 12.2 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:
- 12.2.1 Ukudlondlobala komlilo (2)
 - 12.2.2 Ukuthumba inhliziyo (2)
 - 12.2.3 Ukuthwabaza (2)
- 12.3 Khipha impindamqondo etholakala esitanzeni sesithathu bese usho ukuthi inamthelela muni kulesi sigaba. (3)
- 12.4 Bhala uhlolo lokuxhumana okutholakala esitanzeni sokugcina bese usho ukuthi kuluhlolo luni. (3)
- 12.5 Khetha impendulo efanele kulezi ezikubakaki:
- 12.5.1 Ngacoboshisa ngeyamazwi (ngeyezandla, ngeyamagama, ngeyegazi). (1)
 - 12.5.2 Ngazihasha (ngazibongela, ngaziqhenya, ngazibuyisa) ngingembongi. (1)
 - 12.5.3 Yoghela (inyanga, indwangu, inhlansi) yothando. (1)
- 12.6 Phawula ngesigqi esitholakala esitanzeni sesihlanu. (1½)
[17½]

NOMA**UMBUZO 13**

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngingoweliba – NL Luthuli

- 1 Umzimba wam' uhlukene nompefumulo.
- 2 Umzimb' ubuye kwamhlab' emhlabathini
- 3 La owadabuka khona.
- 4 Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba.
- 5 Umzimba kuphel' onesabelo'
- 6 Ngob' ungoweliba.
- 7 Nendodana kaSomandla,
- 8 Yaba ngeyethuna.
- 9 Ngolwesithathu yalingob' iliba,
- 10 Yavuka kwabaleleyo.
- 11 Pho mina bengingahlala kanjani
- 12 Ngingabi ngoweliba njalo na?

13 Um' indodana yoMunt' ingakabuyi,
 14 Ngiyoba ngoweliba njalo.
 15 Ngiyazi bayokhala balile,
 16 Bathi balahlekelwe,
 17 Bayosho baze bafakazelane
 18 Ngent' eyodwa;
 19 Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami.
 20 Keph' engikwaziyo kunye,
 21 Mina nabo singabeliba.

- 13.1 Yiyiphi le ndodana okuthiwa yalingqoba ithuna? (1)
- 13.2 La magama alandelayo achazani ngendlela asetshenziswe ngayo kule nkondlo:
- 13.2.1 Umzimba uhlukene nomphefumulo. (2)
 - 13.2.2 Umzimba ungoweliba. (2)
 - 13.2.3 Ukunqoba ithuna. (2)
- 13.3 Bhala isibonelo semvumelwano siqalo eyeqayo etholakala esitanzeni sokugcina. (1½)
- 13.4 Bhala umqondo ovezwa isisho 'Baf'olwembiza' ngokwale nkondlo. (2)
- 13.5 Phawula ngezimpawu zokuloba ezitholakala esitanzeni sesibili ukuthi ziwulolonga kanjani umqondo wenkondlo. (2)
- 13.6 Kukhona igama imbongi elokhu iliphindaphinda, libhale bese usho ukuthi iliphindelani? (3)
- 13.7 Chaza ukuthi isihloko sihambelana kanjani nokushiwo yinkondlo. (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 14

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UNozidumo – LMMS Madondo

1 Ngikubonile mntanomuntu uyiphaka,
 2 Ngikubonile nkosazana uyididiyela
 3 Ngikuzwile mntanomfazi uiyalela
 4 Ngikuzwile ngane yabantu uyikhakhabeza,
 5 Uyiphake angakholwa nkosazane,
 6 Uyisuse kwelakini koMelika,
 7 Wayisingisa kwelenkolo koSadamu,
 8 Uyiphake yadla amadoda mame,
 9 Uyiphake kwasuka izidumo Nozidumo.

 10 Uyiphathise omkhulu umyalezo,
 11 Kashongo njalo okaBush!
 12 Uyididiyele ntokazi Afrika,
 13 Wayijuba mame omnyama,
 14 Kwagxabhazela izisu emadodeni.
 15 Uyididiyele kwaphela izinseka
 16 Zobumame obumumatha izinyanga,
 17 Abantwana babantu abazocoboshiswa.

 18 Uyiphakile Nozidumo wakithi,
 19 Wanamathela kwabakhulu bakho,
 20 Wayikhomba engahlehliyo,
 21 Wayisingisa kuNtshebende
 22 Iphume ekamabuyaze eyakho,
 23 Wayisingisa kuSadamu
 24 Ngolaka nesankahlu seluxu,
 25 Lokwahluleka kuNtshebende,
 26 Wayikhomba ngolaka oluphindwiwe,
 27 Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.

 28 Izidumo ezingaka uzisusa ngaliphi?
 29 Ulaka olungaka uluthathaphi?
 30 Isibindi esingaka wasifuziswaphi?
 31 Izindimbane ezilele kobandayo?
 32 Ngelakho izwi Nozidumo elinonya,
 33 Ngabe wunya lobugqila boyihlomkhulu?
 34 Ngabe usebenzela usathane ozimpondompondo?
 35 Bebenzeni uma bezicijela imikhonto yabo?
 36 Kakade igquzulwa ubisi lwayo.

- 14.1 Yikuphi okusikhombisa ukuthi uNozidumo umuntu wesifazane? (1)
- 14.2 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umqondo wale nkondlo. (3)

- 14.3 Ngokwale nkondlo uNozidumo uhlasele esuka kuphi eya kuphi? (2)
- 14.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:
- 14.4.1 Iphume ekamabuyaze eyakho. (2)
 - 14.4.2 Izindimbane ezilele kobandayo. (2)
- 14.5 Shono uhlobo lokuxhumana olutholakala kubinza lokuqala unike nesibonelo. (2)
- 14.6 Ngubani lo Ntshebende okukhulunywa ngaye kule nkondlo? (1½)
- 14.7 Khetha igama elifanele kubakaki.
- 14.7.1 Ukudidiyela kusho (ukuhlulwa, ukuyivivisa, ukunqoba). (1)
 - 14.7.2 Ukugxabhazela kusho (ukwesaba, ukuzethemba, ukulwa). (1)
- 14.8 Ngokwembongi yini edala uNozidumo abe nenhliziyo elukhuni? (2)
[17½]

AMAMAKI ESIQEPU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2011

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 100

Le memorandamu inamakhasi ayi-12.

ISIQEPHU A: INDABA

AMAKHODI	IKHODI 7 Uphumelele ngamalengiso	IKHODI 6 Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	IKHODI 5 Uphumelele ngokuvelele	IKHODI 4 Uphumelele ngezinga eligculisayo	IKHODI 3 Uphumelele ngokusendini
	ULIMI: * Ulimi lunothile kakhulu, nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle kakhulu. * Amagama ajiyile futhi anemba kahle kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe ngokuseqophelweni. * Indaba ayinamaphutha nhlobonhiobo. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu.	ULIMI: * Ulimi lunothile impela nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle impela. * Amagama akhethike kahle impela. * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe ngokugculisayo. * Indaba isezingeni eligculisayo. * Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa.	ULIMI: * Ulimi lusebenze kahle. * Amagama asetshenziswe kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe ngokugculisayo. * Indaba isezingeni eligculisayo. * Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa.	ULIMI: * Ulimi nezimpawu zokuloba kusethenziswe ngokugculisayo. * Amagama asetshenziswe ngokugculisayo. * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe kahle. * Indaba yanukeleka kahle. * Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle.	ULIMI: * Ulimi nezimpawu zokuloba kusethenziswe ngokugculisayo. * Amagama asetshenziswe ngokugculingene * Isitayela, iphimbo nerejista kusethenziswe kahle. * Indaba isezingeni eligculisayo. * Imisho nezigaba zendaba kusendimeni. * Indaba isendimeni. * Imisho nezigabu zendaba kusendimeni.

Akuvumelele ukukopisha leli phepha

AMAKHODI	IKHODI 7	IKHODI 6	IKHODI 5	IKHODI 4	IKHODI 3
	Uphumelele ngamalengiso	Uphumelele ngeophelo eliphezuu	Uphumelele ngokuvele	Uphumelele ngezinga eligculisayo	Uphumelele ngokusendimeni
	26–32 (80–100%)	22 ½–25 ½ (70–79%)	19 ½–22 (60–69%)	16–19 (50–59%)	13–15½ (40–49%)
* Okuqukethwe kutshengisa ukuzisungulela okusezingeni elihle kakhulu. * Imlqondo inikezelana kahle impela. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle impela. * Uhla ka kakhulu. inokuthuthuka okusezingeni elihle. * Uhla ka lucacile futhi luhambisana kahle impela nendaba.	* Kunokuziqambela okuhle impela. * Imlqondo inikezelana kahle impela. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle impela. * Uhla ka lucacile futhi luhambisana kahle impela nendaba.	* Kuseophelweni elihle. * Imlqondo inikezelana kahle. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle. * Uhla ka lucace ngokugculisayo. * Uhla ka lucacile futhi luhambisana kahle nendaba.	* Kuseqophelweni eligculisayo. * Imlqondo inikezelana kahle. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle. * Uhla ka lucace ngokugculisayo. * Uhla ka lucacile futhi luhambisana kahle nendaba.	* Kuvezwe ngo-kusendimeni. * Ivezwe ngokusendimeni * Kunamaphuzu avezwe ngoku-lingenayo. * Uhla kahle impela. * Uhla ka lucacile futhi luhambisana kahle nendaba.	* Kuvezwe ngo-kusendimeni. * Ivezwe ngokusendimeni * Kunamaphuzu avezwe ngoku-lingenayo. * Uhla kahle impela. * Uhla ka lucacile futhi luhambisana kahle nendaba.
OKUQUKETHWE NOHLAKA (32)			4 ½	4	3–3 ½
	5–6			4	2 ½
	* Ubude bufanelekile kahle kakhulu. * Isakhiwo usilandele ngokuncombekayo kakhulu. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kakhulu.	* Ubude bufanelekile impela. * Isakhiwo usilandele ngokuncombekayo impela. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana impela.	* Ubude busezingeni elihle. * Isakhiwo sihle. * Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle.	* Ubude busezingeni eligculisayo. * Isakhiwo siyagculisa. * Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa.	* Ubude busendimeni. * Isakhiwo silandewe ngokusendimeni. * Imisho nezigaba zendaba kusendimeni.
	ISAKHIWO (6)				

OKULINDELEKILE

Umqondo mawuphelele esigabeni esisodwa nomu kwenyelanda. Okungenani mazibe zimbili kuhela izigaba ezethula/ezixoxa ngomqondo owo dwa, mazingadlu kulokho. Makuqalwe umqondo omusha esigabeni esisha.

Amamaki azocazwa ngale ndlela:

ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)

Ulimi	(L) Bullets	1&4	6
Ukuhlela (amagama)	(G) Bullets	2&3	3
Isitayela	(ST) Bullets	6&7	3

[12]

Amakholodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhalu olungemu kelekile.

L – (dwebela) - ulimi olungemu kelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemu kelekile.

'S-I – i-aphostilofi engemu kelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kune gama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukwehlukanisa amagama

() – ukwehlukanisa amagama

OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyahelha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.

- Umzimba:

- (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.

- (ii) Zihleleke kahle/umqondo osekelayo.

- (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhaliwe ngayo.

- Isiphetlo:

- (i) Siyisigaba esisodwa.

- (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa nomu uyassongwa.

- (iii) Selungavela uvo lombhalu ngalokho abhaala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

Akuvumelelele ukukopisha leli phepha

OKUQUKEETHWE (32)	
Okuqukeethwe (Q)	Bullet 1
Imiqondo	Bullet 2
Ukuthuthuka	Bullet 3
Uhlaka	Bullet 4
	5

[32]

ISAKHIM
Isakhiwo
Ubude

OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

1.1 Iziteleka ENingizimu Afrika. <ul style="list-style-type: none"> Angazichaza iziteleka. Izimbangela zeziteleka. Isibonele: Ukungeneliseki kwabantu ngamatholo noma ukulethwa kwezdingo emiphakathini yabo. Izinhlobo zeziteleka: Isibonele: ezabasebenzi, ezezingane, ezezinhlango. Umtnelela wazo emphakathini. Okungenzwa ukunqanda iziteleka. 	1.2 Izinkinga Zabafundi Abaphase Ibanga Leshumi nambili (Izihloko Ziyokwehluka). <ul style="list-style-type: none"> Abafundi mabanike isihloko esifanele. Ubuphofu: Abazali abangasebenzi noma abahola imali encane. Ukungabibiko kwezikhala zokwamukela abafundi ezikhungweni zemfundo ephakeme. Izinga lokuncintisana kubafundi (High competition). Ukushoda kwezindawo zokuhala uma abafundi sebemukelwe ezikhungweni zemfundo ephakeme. Ukushintsha kwendlela okufundiswa ngayo ezikhungweni zemfundo okungafani nendlela okufundwa ngayo emazingeni aphansi okwenza abanye abafundi bangaphasi kahle. <p>QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>	1.3 K <ul style="list-style-type: none"> • • • • •
1.4 Nginje Nje Kungenza Yokusukholisana Nabangani. <ul style="list-style-type: none"> Izinhlobo zabangani. Ukubaluleka kwabangani. Kumele kuvele ukuthi isimo umbhali akusona kungenza yokukholisana nabangani. Ukubaluleka kokukhetha abangani abaqotho. Ubungozi bokulalela abangani ababi. Imiphumela yokududana nabangani. 	1.5 Izindlela Ezahlukene Umnotho Wezwe Ongaphazamiseka Ngazo Ngenxa Yesimo Sezulu. (Izihloko Ziyokwehluka). <ul style="list-style-type: none"> Abafundi mabanike isihloko esifanele. Ukulimala kwempahla: Izindlu, izimoto, imigwaqo njil. Izicelo eziningi ezinkampañi zemishuwalense zingawisa izinkampañi. Ukuphazamiseka kwezinto zokuhamba, okuphazamisa imikhqiqizo ezinkampañi. Ukunyuka kwamanani okudla. <p>QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>	1.6.1 Izihloko Ziyokwehluka <ul style="list-style-type: none"> • • • • • <p>QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>
		Akuvumelekie ukukopisha leli phepha

<p>1.6.2 Uthando Lwezinja.</p> <ul style="list-style-type: none"> • Angakhulumo ngothando lwezilwane. • Angaveza ukubaluleka kwezinja. • Ukunakekelwa kwazo. • Ukuhlukunyezwa kwazo ngumphakathi. • Noma ngabe yisiphi isihloko umfundi ayoyinika sona inqobo nje uma sihambelana nesithombe. <p>QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>	<p>1.6.3 Ukuhluelwa kwabafundi.</p> <ul style="list-style-type: none"> • Bangakhulumo ngokukhulelwa ezikoleni. • Ngokuphazamiseka kokufunda. • Ukusabalai kweziyo. • Ukuhlukumezekha kothisha nabazali. • Ingcindezi eMnyangweni eyehlukena kaHulumeni ngenxa yokukhulelwa kuentsha ezikoleni. • Imali yesondlo. • Noma ngabe yisiphi isihloko umfundi ayoyinika sona inqobo nje uma sihambelana nesithombe. <p>QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>
--	---

ISIQEPHU B: INCWADI YOMSEBENZI/INCWADI YOKUZAZISA (CV)/INDABAMBIKO/INGXOXO

AMA KHODI	IKHODI 7 Uphumelele ngamalengiso	IKHODI 6 Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	IKHODI 5 Uphumelele ngokuvelele	IKHODI 4 Uphumelele ngezinga eligculisayo	IKHODI 3 Uphumelele ngokusendini	
					8–10 (80–100%)	
* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista elihle impela. * Ubude bomphalo kusezingeni elihle impela. * Ubude bomphalo buwulandele kahle kakhulu ungomo mlayelo.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni elihle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle. * Ubude bomphalo buhle. * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kuyagculisa. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eligculisayo. * Ubude bomphalo buyagculisa.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni elihle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle. * Ubude bomphalo buhle.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kuyagculisa. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eligculisayo. * Ubude bomphalo buyagculisa.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusendimeni. * Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. * Ubude bomphalo busendimeni.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusendimeni. * Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. * Ubude bomphalo busendimeni.	
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)						
AMAMAKI 30						

Akuvumelele ukukopisha leli phepha

	16–20 (80–100%)	14–15½ (70–79%)	12–13½ (60–69%)	10–11½ (50–59%)	8–9½ (40–49%)
	<p>* Ulwazi oluqukethwe luseqophelweni eliphezulu.</p> <p>* Unamatheka ngokuseqophelweni eliphezulu kwabuzwe ngakho.</p> <p>* Unamatheka kahle kulkho abuzwe ngakho.</p> <p>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Uhlaka lombhalo luseqophelweni eliphezulu.</p> <p>* Uhlaka ngokusezingeni elihle kakhulu.</p> <p>* Uhlaka lombhalo luhle kakhulu.</p> <p>* Ithekisthi lilandele isakhiwo isifanele kahle.</p>	<p>* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Unamatheka kahle kulkho abuzwe ngakho.</p> <p>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Uhlaka lombhalo lusezingeni elihle kakhulu.</p>	<p>* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Unamatheka kahle kulkho abuzwe ngakho.</p> <p>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Uhlaka lombhalo lusezingeni elihle kakhulu.</p>	<p>* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Unamatheka kahle kulkho abuzwe ngakho.</p> <p>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Uhlaka lombhalo lusezingeni elihle kakhulu.</p>	<p>* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Unamatheka kahle kulkho abuzwe ngakho.</p> <p>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.</p> <p>* Uhlaka lombhalo lusezingeni elihle kakhulu.</p>
OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (20)					

OKULINDELEKILE

2.1 INCWADI YOMSEBENZI

- Amakheli aba mabili: elobhalayo nelobhalewayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib (16 kuNdasa 2011/16 Mashi 2011/03.12. 2011/16.03.2011)
- Obhalelwayo makabingelewe ngokuthi Mnumzane/Nkosazane/Nkosikazi.
- Ibika libalulekile ukuze obhalelwayo azi ukuthi isicelo/isikhalo simayelana nani.
- Esigaberri sokuqala umfundi akahale phezu kodaba olumenze wabbala incwadi.
- Valelisa ukhombise ukuzithoba/ inhloni pho kanje: Yimina Ozithobayo uThandeka Mkhize (Nksz/Nkk/Mnu).

Okulindelekile: (i) lyangeniswa

- (ii) Umzimba (ungaba yizigaba ezimbili)
- (iii) Isiphetho (makuvele ukuqqa kwendaba)
- (iv) Amagama awabe inani elifanele.

2.2 INCWADI YOKUZAZISA (CV)

- Imininingwane ephathelene nokufaka isicelo.
- Imininingwane ephathelene nemfundu.
- Imininingwane ephathelene nomsebenzi.
- Okokuchitha isizungu.
- Abantu okungabuzwa kubo ngofaka isicelo.

2.3 INDABAMBIKO

- Akuvele ukuthi iziphakamiso zimaqondana nani.
- Kuvele ukuthi iziphakamiso zigondiswe kubani.
- Kuvele ukuthi iziphakamiso zivela kubani.
- Kuvele ukuthi iziphakamiso zenziwe nini.
- Akunasingeniso nasiphetho.
- Ibhaliwa ngamaphuzu.
- Akuvele ukuthi umbiko ubhalwe ngubani.

Akuvumelelekile ukukopisha leli phepha

INGXOXO 2.4

- Kumele kube nebiika.
 - Abantu abaxoxayo akumele babe ngaphezu kwababili.
 - Kumele banikezwe amagama abhalwe ngakwesokunxele izibongo nazo zingasetshenziswa.
 - Emva kwamagama makube nekholoni.
 - Ukukhethwa kwamagama kumele kuveze ukuhlukana kwezinga kulabo abakhulumayo.
 - Isiphetho kumele sikhombise ukuthi indaba iyahphela, bangavumelana noma bangavumelani k

Amamaki azocazwa ngale ndlela:

ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)
Ulimi (L) Bullets 2&3
Isitayela (ST) Bullet 6&7
Ubude (U) Bullets 4

OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (20)

ISIQEPEHU C: IDAYARI/IRESIPHI/KHADI LESIMEMO

AMAKHODI	IKHODI 7 Uphumelele ngamalengiso	IKHODI 6 Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	IKHODI 5 Uphumelele ngokuvele	IKHODI 4 Uphumelele ngezinga eligcuisayo	IKHODI 3 Uphumelele ngokusendim
* Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle kakhulu. * Ubude bufanelekile kahle kakhulu.	6–7 (80–100%)	5–5 ½ (70–79%)	4½ (62–69%)	* Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu impela. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle impela. * Ubude bufanelekile kahle.	* Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kuyagculisa. * Isitayela, iphimbo nerejista kuyagculisa. * Ubude buyagculisa.
ISIQEPHU C AMAMAKI 20	ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (7)				* Uhlelo nokusetshenziszwa kolimi kusendim * Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. * Ubude busendimeni.

Akuvumelekle ukukopisha leli phepha

	10 $\frac{1}{2}$–13 (80–100%)	9 $\frac{1}{2}$–10 (70–79%)	8–9 (60–69%)	6 $\frac{1}{2}$–7 $\frac{1}{2}$ (50–59%)	5 $\frac{1}{2}$–6 (40–49%)
OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (13)	<p>* Ulwazi oluhle kakhulu ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle kakhulu ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle kakhulu. * Uhlaka lombhalo luhle kakhulu. * Ithekisthi inesakhiwo esihle kakhulu.</p>	<p>* Ulwazi oluhle impela ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle impela ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle. luhle. * Uhlaka lombhalo luhle impela. * Ithekisthi inesakhiwo esihle impela.</p>	<p>* Ulwazi oluhle ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle. * Uhlaka lombhalo luhle. * Ithekisthi inesakhiwo esihle.</p>	<p>* Ulwazi olugcullisayo ngohlobo lombhalo. * Ubhala ngokugcullisayo ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokugcullisayo. * Uhlaka lombhalo luyagcullisa. * Ithekisthi inesakhiwo esigcullisayo.</p>	<p>* Ulwazi olusendimeni ngohlobo lombhalo. * Ubhala ngokusendimeni ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni Uhlaka lombhalo lusendimeni. * Ithekisthi nesakhiwo kusendimeni.</p>

OKULINDELEKILE

3.1 IDAYARI

- Obhalayo kumele aqale abhale usuku phezulu.
- Okhulumayo kumele asebenzise ulimi lwakhe.
- Kumele ibe senkathini yamanje/ezayo/edlule.
- Kubhalwe izigaba ezimfishane.
- Kusetscherizwa ulimi olukhulekile futhi olwamukelekile.

3.2 IRESIPHI/IMIYALELO

- Izithako ozosisebenzisa nobungako bazo.
- Indlela yokwenza/yokuhlanganisa kusukela ekuqaleni.
- Isikhathi ozosisebenzisa uma usupheka.
- Kuvele ukuthi isitshulu singanelia abantu abangaki.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

3.3 IKHADI LESIMEMO

- Malibhalwe ebbokisini.
- Obhalayo ubhala njengomuntu wesithathu.
- Isimemo masicace futhi siphalele.
- Makuvele omemayo nomenywayo.
- Makuvele usuku, isikhathi nendawo.
- Imininingwane yomemayo mayivele ekugcineni.

Amamaki azocazwa ngale ndlela:

ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (7)	
Ulimi	(L) Bullets 2&3
Isitayela nokuhlela	(StH)
Ubude	(U) Bullets 4

[7]

[13]

OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUFUSHANE BEMIBHALO

- Uma amagama eqe nom a ehle esukela ku 1–5 kuyokwamu keleka.
- Uma amagama eqe nom a ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki eliodwa.
- Uma amagama eqe nom a ehle esukela ku 11–15 kuyosuswa amamaki ama-2.
- Uma amagama eqe nom a ehle esukela ku 16 kuya ku–20 kuyosuswa amamaki ama-3

OKUQUKETHWE, IMIBONO NESAKHIWO (13)

Okuqukethewe	(Q) Bullets 1&2	6
Imibono	(B) Bullets 3	4
Isakhiwo nohlaka (SkH)	Bullet 1&4	3

[13]

[7]

[13]



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2011

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama- $2\frac{1}{2}$

Leli phepha linamakhasi ayi-6.

IMIYALELO KWABAHOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
 2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
 3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
 4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
 5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini Iwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
 6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
 7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
 8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
 9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA
• Ubude bendaba
Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**
- Ubude bombhalo
- Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.
- QAPHELA:** Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo Iwalowo mbhalo abawuphendulayo.
- ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE ENEMIYALEZO**
- Ubude bombhalo
- Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.
- QAPHELA:** Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo Iwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhagini lwalo lodwa.

- 1.1 Abantu baseNingizimu Afrika bakholwa ukuthi ukuze izikhalo zabo zizwakale kumele bateleke. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Iziteleka ENingizimu Afrika.

[50]

- 1.2 Abafundi abanangi basebenza kanzima ukuze baphumelele kumatikuletsheni/ibanga le-12, kodwa bazithola bebhekene nenkinga yokungabi nayo imali yokufunda kanye nokwesweleka kwezikhungo zeMfundu ephakeme ezanele. Bhala indaba ubhekise kulesi sitatimende. Nika indaba yakho isihloko.

[50]

- 1.3 Abantu abanemali bayawkazi ukuzigcina bebukeka bebasha. Bhala indaba ngalesi sihloko:

Kuguga Othandayo.

[50]

- 1.4 Esikhathini esiningi intsha yenza izinto ukujabulisa abangani. Ekugcineni umuntu asale yedwa enkingeni. Bhala indaba ngalesi sihloko:

Nginje Nje Nje Kungenxa Yokukhohlisana Nabangani.


[50]

- 1.5 Inselelo ebhekene nomhlaba wonke yesimo sezulu esiguqukayo ibeka isimo somnotho engcupheni. Bhala indaba ozoyisusela kulesi sitatimende. Nika indaba yakho isihloko.

[50]

- 1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngalokho okukufikelayo emqondweni. Yinike isihloko esifanele indaba yakho.

1.6.1




[50]

1.6.2



[50]

1.6.3



AMAMAKI ESIQEPU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Isitolo enithenga kuso esikoleni asisahlanzekile njengakuqala. Lokhu sekudale izinkinga eziningi kubafundi. Njengonobhala wenhlangano yabafundi (RCL) bhala **incwadi** uyibhekise kuthishanhloko ukhononde ngobunzima enibhekene nabo ngenxa yalokhu kungcola. [30]
- 2.2 Inkampani yakwa-MTN ifuna umuntu onekhono lokudayisa omakhalekhukhwini, abuye amukele nezingcingo. Bhala **incwadi yokuzazisa (CV)** uyithumele kule nkampani. [30]
- 2.3 Umphakathi wangakini ube nomhlangano lapho bekukhulunywa khona ngokungabibikho kwentuthuko endaweni. Bhala **indabambiko** ezothunyelwa kuMasipala wangakini. [30]
- 2.4 Umcimbi wokuvaleliswa kwabafundi bakamatikuletsheni/ibanga-12 ususeduze. Ubaba wakho akavumi ukuthi uye kwingxenye yesibili yalo mcimbi (afterparty). Bhala **ingxoxo** phakathi kwakho naye umbonise ukuthi kubaluleke ngani ukuthi uye kulo mcimbi. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 3.1 Ubuyovakashela umngane wakho ohlala kwesinye isiFundazwe (province). Bhala **kudayari** ebenikwenza usuku nosuku ezinsukwini ezinhlanu (5) nindawonye. [20]
- 3.2 Abazali bakho baqeda iminyaka engamashumi amabili bashada. Bahlele umcimbi wokujabula nezihlobo nabangane. Bhala **iresiphi** yesitshulu senyama ozosiphekela izivakashi ezizobe zinani ngalolo suku. [20]
- 3.3 Umfowenu/udadewenu uzobe eshada ngenyanga ezayo. Bhala **ikhadi lesimemo** umeme abangani nezihlobo ukuba beze bazojabula kanye nani kulo mcimbi. Bhala yonke imininingwane edingekayo. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100